# *UJehova-Jira* [1]

Ningahlala phansi. Leli yithuba elikhulu, ukubuya futhi kulobubusuku. Nesibusiso esikhulu kimi, ukuza futhi ngikhulume kini ngeNkosi yethu uJesu, enginesiqiniseko ngaYe ukuthi iningi lenu liyamazi, noma ngithemba ukuthi niyamazi, ekuxolelweni kwezono zenu na—nangendlela yomusa waKhe, kini. Futhi kwangathi Anganabela, kulobubusuku, omningi ngokweqile womusa waKhe. Uma sisuka lapha, kwangathi singakwazi ukuba sithi, njengalabo ababevela eEmawuse, "Izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni."

2 Manje, njalo ekuseni, ngikholwa ukuthi bane—ne—ne—nendoda yenhlaliswano yomphakathi njengayo. UMnu. Vayle lapha une—nesifundo, sokuthi ukuphendula imibuzo nokukhuluma ngomBhalo. Ngabe lokho kulapha kulendlu na? Kuyo lendlu, ekuseni. Futhi uma noma ubani ekhululekile, nabanye abefundisi, noma nokunye nokunye, bengathanda ukuvakasha, ngani, noma ubani wemukelekile. NoMfowethu Vayle unguthisha onengqondo ejulile ngempela. Ngempela, unemfundo enhle.

3 Futhi ngakho-ke, ngasho ngolunye usuku, ngi—ngifisa sengathi ngabe nganginemfundo. Ngifanele ngisebenzise imifanekiso, njengento ethize enye, ukuba ngichaze, niyazi. Anginayo imfundo eyanele ukuba ngikuhlaziye. Kodwa ngandlela thize, noma enye, iNkosi iyangisiza ngikwedlulise.

4 Futhi ngakho ngiyakhumbula, ngesinye isikhathi kwakukhona i—indoda emBhalweni, igama layo kwakunguJohane, noyise wayengumpristi. Ngokwejwayelekile, babelandela lokho uyise akwenzayo. Kodwa wayenomlayezo ngempela; wayezokwethula uMesiya. Futhi manje ukuba wehlela esikoleni salapho uyise aya khona, bathi, "Manje, uyamazi uMfowethu u*S'bani-bani* othandekayo na? Lowo nguMesiya nje," impela babecishe bamkhulumise kukho. Ngakho, niyabo, akayanga kunoma yisiphi isikole salolohlobo.

5 Waya ehlane, lapho afunda khona ngoNkulunkulu. Niyayiqaphela imilayezo yakhe, iphuma na? Akazange abe nemfundo. Wangena eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, uphuma enamashumi amathathu, washumayela izinyanga eziyisithupha, futhi wanqunywa. Manje sithola ukuthi wasebenzisa . . . Wathi, njengabaFarisi bephuma, nabaSadusi, futhi wathi, "O, nina nzalo yezinyoka!" Yilokho ayekade ekubonile ehlane; izinyoka, into engcolile nemincikayo, nekhohlisayo. Niyabo?

6 Manje omunye umuntu angahle ukuba wathi, "Ngani, wena sijuqu esincane esingabalulekile sokungalungile," noma eny'into. Kodwa u . . .

7 Kodwa, niyabo, wayengazi'magama angawasebenzisa, ngakho wavele wathi nje, "Nina nzalo yezinyoka," yilokho ayekade ekubone ehlane. Wathi, "Ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuba nisho, ukuthi 'Sinakho, singaba*lokhu* futhi singaba*lokho,*' ngoba uNkulunkulu angakwenza kulawamatshe," ayekade ekubonile, "ukuvusela uAbrahama abantwana. Nezembe libekiwe empandeni yomuthi." Wayazi ukuthi kwenziwani ngesihlahla esibi. "Noma yimuphi ongatheli isithelo esihle, uyanqunywa bese uphoswa emlilweni," ukuba kushiswe nya izinkuni ezimbi.

8 Niyabo, wonke owomlayezo wakhe wawuyinto yemvelo, wayefanekisa ngayo. Abantukazana bayakuqonda lokho. Bese kuthi-ke ba . . . Ngicabanga ukuthi ngezinye izikhathi kungahle kubengconywana ukwenza kunawo onke lamagama amakhulukazi abantu abawafunda esikoleni.

9 Manje, sishiywe yisikhathi kancane izolo ebusuku, ngakho sizama ukunikhipha ngesikhathi nje, kulobubusuku, uma singahle sikwenze. Futhi ngithemba ukuthi iNkosi ingeke ilidedele line kabi kakhulu kulobubusuku, kuloluphahla lukathayela, ngakho sizovele nje sikholwe futhi—futhi sizame ukuMkhonza, ngokwazi kwethu okwedlula konke.

10 Manje asime njengoba sifunda iZwi likaNkulunkulu, njengoba sifunda manje eNcwadini kaGenesisi. Futhi siqala esahlukweni 22 nevesi 7, sifunda ele 14, nalo.

> *UIsaka wakhuluma kuAbrahama uyise, wayesethi, Baba: wathi yena, Ngilapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?*
>
> *UAbrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uyakuzibonela iwundlu lomnikelo wokushiswa: ngakho bahamba bobabili kanyekanye.*
>
> *Bafika endaweni uNkulunkulu abemtshele yona; uAbrahama wakha khona ialtare, walungisa izinkuni, wambopha . . . indodana yakhe* uqobo, *wambeka ealtare phezu kwezinkuni.*
>
> *UAbrahama waselula isandla sakhe, wathatha umese ukuba ahlabe indodana yakhe.*
>
> *Kwase kumemeza kuye ingelosi yeNKOSI isezulwini, ithi, Abrahama, Abrahama: yena wathi, Ngilapha.*
>
> *Yayisithi, Ungabeki isandla sakho kumfana, unga*beki . . . *ungenzi lutho kuye: Ngokuba ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, lokhu*

ugodle. . .*ungayigodlanga* eyakho. . .*kimi nandodana eyodwa yakho.*

*UAbrahama waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka ngemuva kwakhe yinqama ibhajiwe esihlahleni ngezimpondo: uAbrahama waya wayithatha inqama, wanikela ngayo umnikelo wokushiswa e. . .sikhundleni sendodana yakhe.*

*UAbrahama waqamba igama laleyondawo ngokuthi uJehova-jira: njengoba kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi* kuyaku*bonelelwa.*

11 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, futhi sinikele umkhuleko.

12 Baba wethu waseZulwini, siyatshelwa yileliZwi, elinguNkulunkulu, ukuthi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosabela ingqikithi yalokhu ukufundwa, ukuze sikwazi ukufunda njengoba sitshelwa yiBhayibheli, ukuthi, "Zonke lezozinto emuva eTestamenteni eLidala kwakuyizibonelo esifanele sizibone." Kulabo abalalela ubizo lukaNkulunkulu, babusisiwe. Labo abalalayo, baqalekisiwe. Ngakho siyakhuleka, Baba, ukuthi sizoba nokuqonda, kulobubusuku, ngesambulo. Kwangathi uMoya oNgcwele ungembula kithi izinto eziphathelene nathi ngalolusuku, konke kufihlwe kulemfihlakalo enkulu kaNkulunkulu ebikhona selokhu kwasekelwa izwe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

13 Ngifuna ukukhuluma ngendaba, iNkosi ithanda, emcabangweni wokuthi: *UJehova-Jira.* Igama lichaza ukuthi "UNkulunkulu Uzozibonela umhlatshelo."

14 Futhi sikhuluma ngoAbrahama, nalesi kwakuyisikhathi ayebheke ngaso indodana ethenjisiweyo. Ukuthola iqiniso langempela lalokhu, sizobuyela emuva. Nalesi bekuyisahluko 22. Sifuna ukuvakashela emuva; nginemiBhalo embalwa ebhalelwe lapha, engithanda ukuthathisela kuyo, uma kungenzeka. Futhi ngifuna ukukhuluma ngayo, futhi ngifuna ukuqala esahlukweni 12. Sizobuyela emuva ukuba sibone ukuthi ubani lomlingiswa onguAbrahama, nokuthi manje kwenzeka kanjani—kanjani ukuthi uNkulunkulu akhethe yena.

15 Siyazi ukuthi isithembiso sanikwa uAbrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, futhi ukuba kuAbrahama kuphela esiyindlalifa kanye naye ngesithembiso. Manje uAbrahama wayenenzalo, nenzalo, kusobala, yayi, wayenenzalo eningi, izinzalo, kodwa wayeneNzalo eyodwa isithembiso esasikuyo. WayenoIshmayeli; kwase kuthi-ke emva kokuba sekufe uSara, waganwa ngomunye wesifazane futhi waba namadodana ayisikhombisa ngaphandle kwamadodakazi; futhi bonke

bayinzalo ka Abrahama, kodwa i...izinzalo zika Abrahama, kodwa iNzalo yaba yiyo eyayinesithembiso. NeNzalo, empeleni, ngukukholwa kukaAbrahama, ayenakho eZwini likaNkulunkulu elithenjisiwe.

16 Manje uAbrahama, siyathola, si...kaqhamuki size simthole lapha cishe esahlukweni 12. Isahluko 11 sikaGenesisi, sithola ukuthi uyise wehla evela eBabiloni. NoAbrahama wayeyindoda ejwayelekile nje, njengawe nje noma mina, kumbe noma ubani omunye. Futhi wayesefinyelele, njalo, ebesingakucabanga, ekubeni yindoda esigugile. Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Wayeshade nongudadewabo uhhafu. Igama lakhe wayenguSara. Negama lakhe ngaleyonkathi, kusobala, lalingesuye uAbrahama, lalinguAbrama. Ne—nelakhe lalinguSarayi. Ngakho sithola ukuthi wayemncane ngeminyaka eyishumi kunaye, okwakumenza abe namashumi ayisithupha-nanhlanu, futhi yena abe neminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala.

17 Mhlambe bona, wayengumlimi, babakhe esigodini saseShinari lapho, futhi babephila impilo ejwayelekile. Mhlawumbe wa—waphuma ngesikhathi sasemini, wayesethola inyama yakhe ehlathini, futhi wakha izithelo zomnqumo, futhi wayephila lolohlobo lwempilo. Indoda ejwayelekile nje, yayingekho into ekhethekile ngaye. Kodwa ngoluny'usuku, uNkulunkulu wambiza. Yilokho okwenza umehluko, ngenkathi uNkulunkulu enza ubizo.

18 Futhi yileyondlela okuyiyo kunoma yikuphi ukuphila. Kuthatha uNkulunkulu. Akusikho ukuthi kwenziwa nguwe; kuyilokho okwenziwa nguNkulunkulu. Niyabo? Wena uthi, "Ngafuna uNkulunkulu. Ngafuna uNkulunkulu." Uyaphaphalaza. Akukho-muntu ofuna uNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna umuntu. Niyabo? Akusuwe ufuna uNkulunkulu; nguNkulunkulu efuna wena.

19 UJesu wathi, "AniNgikhethanga, kodwa Nganikhetha." Niyabo? Ngakho nikhethwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kungenjalo awukhethwanga nhlobo. Ufikela nje ukuhlenga lelogama. Nabo bonke abamagama abo engekho kuleyoNcwadi yokuPhila yeWundlu...ngaphambi kokusekelwa kwezwe, yibo kuphela abazoba lapho, noma kanjani. Niyabo? Nakhethelwa kuYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi iWundlu likhethwa, khona-ke nakhethwa naYe, ngaphambi kokusekelwa.

20 Futhi nina niyiyo, njengoba ngishilo izolo ebusuku, ingxenye engehlukaniseki yokucabanga kukaNkulunkulu. Niyabo, yileyondlela kuphela eningaba ngayo Phakade, nesimo kuphela sokuPhila okuPhakade. Sinye kuphela isimo sokuPhila

okuPhakade, nalowo nguNkulunkulu. Ngakho, yilokho kuphela, Nguye OPhakade.

21 Manje sithola ukuthi uAbrahama wayenaleyondawo. Futhi uNkulunkulu, eTestamenteni eLidala, wayesebenza izifanekiso nezithunzi, ukukhombisa Ayezokwenza.

22 Manje siyathola lapha ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuye. Nento enkulu, emva kokuba uNkulunkulu esembizile . . . Ubizo uNkulunkulu alunikezayo lwalulubizo olungaphezu kwemvelo. Kodwa, nokho, akuzange kumngabazise uAbrahama, akukho sikhathi. Wayazi njalo ukuthi kwakunguNkulunkulu. Leyo yinto enkulu. Ngenkathi . . .

23 Ukubiza kukaNkulunkulu kungaphezu kwemvelo; akukho okungokwemvelo. UNkulunkulu uthatha okungaphezu kwemvelo futhi akusebenze kokwemvelo, kodwa ukubiza okuningi kukaNkulunkulu kungaphezu kwemvelo. IBhayibheli lathi, "Izipho nokubiza kungaphandle kokuphenduka." Niyabo, kwaziwa phakade ngu—nguNkulunkulu.

24 Manje sithola ukuthi, kulokhu, ukuthi uAbrahama ebizwa, wezwa iphimbo likaNkulunkulu, futhi Wamtshela into ethize eyayithi impela ayibe ngengenakwenzeka sanhlobo. Yena eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, umkakhe eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, lokho kwakungamenza cishe adlule ngeminyaka engamashumi amabili esenqamuke ukuya esikhathini, futhi wayesehlale naye kusukela eseyintombazane. Babengenabantwana. Futhi, nokho, wamtshela ukuthi babezoba nengane, futhi nangalengane umhlaba wonke, zonke izizwe, zazizobusiswa. Manje leyo yinto exakile.

25 "Futhi uAbrahama," iBhayibheli lasho kumaRoma isahluko 4, "akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo."

26 Sengathi ngiyabona, emva kwenyanga yokuqala . . . Kusobala, uSara, njengoba ngishilo, wayesenqamukile ukuya esikhathini. Inyanga yokuqala, sengathi ngiyabona uAbrahama wathi, "Sara, uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

27 "Awu, akabusiswe uNkulunkulu sizoba nengane, noma kanjani. Sizoba nayo nje. UNkulunkulu wathi sasinjalo."

28 USara, wanitha amabhuzu amancane, wayesethenga ingubo enamabadlana amaningi nophini, nayo yonke into; walungiselela, eyilungiselela, ngoba wayazi ukuthi wayezoba nayo. UNkulunkulu washo njalo. Niyabo?

29 Unyaka wokuqala wedlula. "Kukhona okuzwayo okwehlukile, s'thandwa na?"

"Akukho-kwehluka nhlobo."

30 "Akadunyiswe uNkulunkulu! Kuzoba yisimangaliso esikhulu ngokuthe xaxa manje kunoma kwakunjalo ngesikhathi sokuqala. Niyabo, sekungunyaka kamuva. Ngizoba nayo, noma kanjani." Ngani na? UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo. Si . . . UNkulunkulu washo njalo.

31 Sekwedlule iminyaka eyishumi. "Uzizwa unjani manje, s'thandwa na?" Lapha uneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, futhi yena unamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu.

32 Manje ungathini nje ikhehla nesalukazi kanjalo, namhlanje, behlela esibhedlela, futhi bethi, "Dokotela, sifuna ukwenza amalungiselelo. Sizo . . . "?

33 UNkulunkulu ukucela ukuba ukholwe ezinye izinto eziyinsini kakhulu impela, kodwa Uhlala njalo ekwenza kube kahle. UNkulunkulu . . . Umuntu omkholwayo uNkulunkulu, ngokoqobo uziphathisa okohlanya, ezweni.

34 Ungathini nje uMose, eqeqeshwe kukho konke uku—ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, inhloko yamabutho, a—a—a—amabutho aseGibhithe. Futhi, nokho, iminyaka engamashumi amane okumthathe yona ukuqeqeshelwa kulokho, futhi kuthathe uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukukhipha leyomfundo kuye, nje okuthatha izwe ukuyifaka kuye. Iminyaka engamashumi amane ngaphezulu, Wamthola ukuba aqeqeshwe kusukela le phansi, yonke imfundo, isayense yezenkolo iphume kuye. Futhi Wahlangana naye kwingemuva logwadule, futhi wazi kakhulu ngoNkulunkulu, ngemizuzu emihlanu eBukhoneni bukaNkulunkulu, kunoma afunda eminyakeni engamashumi amane ezincwadini. Kunjalo.

35 UNkulunkulu akaziwa ngemfundo. Waziwa ngokukholwa. NoNkulunkulu wakhuluma kuye ngokungaphezu kwemvelo. Futhi into eyinsini kanje pho, ngezinye izikhathi, uNkulunkulu asenza sizenze.

36 Ningathini nje ikhehla, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, libaleka, umprofethi ebalekela uNkulunkulu na? Futhi eBukhoneni bukaNkulunkulu imizuzu emihlanu: ngokusa okulandelayo (Ungathini nje yena na?), ikhehla, ubuhwanqa behle bayoshaya phansi *kanje*; ikhanda lakhe elinempandla licwebezela; induku egwegwile esandleni sakhe; umkakhe egibele umnyuzi, nomntwana emathangeni akhe; esendleleni ehla!

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla."

37 Niyabo, "ukulidla," ukuhlasela komuntu oyedwa. Lokho kuzwakala kuyinsini kanjani. Kodwa, into yakho

yayingukuthi, ukwenzile, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula.

38 Uma uNkulunkulu esho njalo, yilokho kuphela okukukho. Yilokho—yilokho-ke. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, bambelelisa umphefumulo wakho kuso. Uma ungahle usikholwe, bambelelisa owakho . . . Uma ungasikholwa, suka kuso; siyokulimaza. Kodwa uma usikholwa, hlala naso, siyokuthatha sikuyise ekunqobeni, ngokuqiniseke ngempela nje njengezwe.

39 Manje siyathola, ukuthi, "UAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu." Futhi ngenkathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, naye enamashumi ayisishiyagalolunye, sengiyamuzwa; sekul'khuni ukukhuluma manje, useguge kakhulu futhi usebuthakathaka, "Awu, Sara, s'thandwa, uzizwa unjani na?"

"Awu, s'thandwa, angizwa kwehluka."

40 "Haleluya! Si—sizoba nayo, noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo, yilokho kuphela okukhona kukho. UNkulunkulu wanikeza isithembiso." Wathi waye "qiniseke ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu wayenamandla ukwenza lokho Akwethembisa."

41 Futhi manje sizibiza ngeNzalo ka Abrahama, iNzalo yakhe yobuKhosi (hhayi inzalo kaIsaka), iNzalo yakhe yobuKhosi, uKristu; futhi singabaze noma yisiphi isithembiso, siqophisane naso futhi sithi asinjalo, futhi sisingabaze emiqondweni yethu na? Ngingabaza thina siyiNzalo ka Abrahama uma sinalolohlobo lomcabango kithi. INzalo ka Abrahama ayingabazi lutho. Ibiza izinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. UnguMdali. Angakwenza kanjalo. Wakwethembisa, nalokho kuyakuxazulula. Yilokho kuphela lapho okukukho. Uma uNkulunkulu ekusho, lokho kuxazulula yonk'into. Manje, khumbulani, wayekufuna . . . Kwakungebebikho . . . Watshela . . .

42 Enye into Amtshela ukuba ayenze, ukuzahlukanisa manje nezihlobo zakhe nabobonke babantu bakubo.

43 UNkulunkulu, ukuze athole owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ukuba baMlalele, uzofanele uzahlukanise nakho konke ukungakholwa, kunjalo, uze uzahlukanise ngokuphelele kunoma yini ephambene naleloZwi, futhi uLikholwe. U . . . UNkulunkulu ubiza ukwehlukana okuphelele.

44 Umehluko onje pho okhona namhlanje ezikoleni zethu esithumela abefundisi. Bavele nje babafake izimfundiso ngazo zonke izinhlobo zokungakholwa nezichasiselo ezibonwa ngokucabanga nje ezingesizo nhlobo ezangokomBhalo kunolunye uhlobo lwesivumokholo abalwakhayo, bese-ke bebathumela nezisekelo ezinjengalokho. Akumangalisi

sichamsele isigejane soOswald noJack Ruby, kanjalonjalo, ezweni lonke. Ubukhomanisi bugwinya izwe, ngoba sinamakholiji nabashumayeli abachanyuselwe ngomshini wokuchamsela esikhundleni sathunyelwe nguNkulunkulu, azelwe ngokusha, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, amadodana kaNkulunkulu azalwe ngoMlilo, abantwana baka Abrahama abalikholwayo iZwi likaNkulunkulu ukuthi ngokugcizelelwe liyiQiniso futhi lutho olunye kodwa iQiniso, abamahhadlahhadla, futhi abangama lapho phezu kwezithembiso, ebusweni banoma yini, futhi kubhekiswe phansi, ukuthi yiQiniso. YiZwi likaNkulunkulu. Kulungile.

45 Manje Wathi, "Zahlukanise nazo zonke izihlobo zakho, kubo bonke abantu bakini, yonk'into, bese uNgilandela."

46 UNkulunkulu akakayiguquli indlela yaKhe. UNkulunkulu unguNkulunkulu ongaguqulekiyo. Indlela uNkulunkulu enza ngayo noma yini, kanye, Uzofanele ayenze ngendlela efanayo okwesibili. Khumbulani, nxa ningabona umnyakazo kaNkulunkulu kunoma yisiphi isikhathi, uma E. . . Uma—uma umuntu wayelahlekile, futhi Wamsindisa umuntu phezu kwezisekelo zanoma yisiphi isinqumo Asenza, Uzofanele njalo kuze kube phakade ahlale nalesosinqumo esifanayo. Angesiguqule. Niyabo? Ungongenasiphelo.

47 Thina sinesiphelo. Ngingazi kakhulu kusasa kunoma ngazi namhlanje. Ngakho ungazi kakhulu ngonyaka ozayo kunoma wazi ngalonyaka. Wazi kakhulu ngalonyaka kunoma wawazi ngonyaka odlule, kodwa hhayi uNkulunkulu.

48 Uphelele, akanasiphelo. Yonke into Ayenzayo iphelele. Angeke enza isinqumo namhlanje bese enza esingcono kusasa. EsaKhe sokuqala siphelele. Ngakho-ke, ungawulengisa nje umphefumulo wakho kunoma yini Ayishoyo, iyiQiniso.

49 UNkulunkulu wake wabizwa ukuba enze isinqumo, ukuthi usindiswa kanjani umuntu, nendlela Asenza ngayo yayiphezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe lalowo Ongenacala, ensimini yase Edene. Nomuntu uzame yonk'into ezweni ukusindisa umuntu, ngeny'indlela; bakhe amadolobha, bakhe imibhoshongo, babenezinhlangano, izimfundo, nayo yonke enye into, nayo yonke into ingeyehluleka isiqothu. Yinye kuphela indlela uNkulunkulu asindisa ngayo umuntu njalonjalo, leyo ingeGazi elichithiweyo loNgenacala. Yileyondlela kuphela. Leso kwakuyisinqumo sikaNkulunkulu sokuqala. Ahlala njalonjalo enaso.

50 Uma uNkulunkulu ake waphilisa umuntu ezisekelweni Amphilisa kuzo, Uzofanele aphilise olandelayo uma efika kuleyondawo. Uma Engakwenzanga, Wenza ngokungalungile ngenkathi Enza okokuqala ngenkathi isinqumo sasizokwenziwa.

51 Uma Eke enze isinqumo, Uzofanele njalonjalo ahlale naso. Uma Engasenzi, Wenza isinqumo esingalungile-ke. Niyabo? Futhi ubani ongathi uNkulunkulu wenza isinqumo esingalungile na? Niyabo? Besingeke sakusho lokho. Ngakho uNkulunkulu uzofanele njalonjalo ahlale nesinqumo saKhe. Ngakho uma Esenza, siyilokho.

52 Ngakho Wathi, "Zahlukanise nazo zonke izihlobo zakho, yonk'into, konke ukungakholwa okwehla kuvela eBabiloni phezulu lapho."

53 Inhlangano enkulu yokuqala emhlabeni kwakuyiBabiloni, ngenkathi ihlela onke amadolobha ukuba athele kulelidolobha elilodwa, umfanekiso impela, zonke lezizimfundiso ezigqamileyo nezinto ezintsha ezibonwa namuhla. Uma nake nayifunda ekaHislop *Two Babylons*, kanjalonjalo, bese nibuyela kuGenesisi, nizothola ukuthi uGenesisi uyisiqalo, imbewu, ubona zonke lezizimfundiso ezigqamileyo nezinto, kubekwe endaweni efanele khona phakathi lapho.

54 Niyabo, abaFarisi abafakwe isitashi sokuzenzela abehla bevela ezansi lapho, kulowo wesifazane nalezozimpande ezimangalisayo kanjalokanjalo, wehla ngqo ngezinsuku zikaJesu. AbaFarisi babengakholelwa eMoyeni noma lutho olunye, futhi bamvimbela uJesu. UJesu wathi, "Bayeke kanjalo. Uma impumputhe ihola impumputhe, zombili ziwela emgodini. Yeka . . ." Waqhubeka ngqo eshumayela, futhi ephilisa abagulayo, futhi enza izimangaliso, futhi ngokufanayo nje. AkuMmisanga, ngoba WayeyiZwi. IZwi liyaqhubeka ngqo, kungakhathaleki ukuthi kwenzekani.

55 Ngakho sithola lezozinto ziqhubeka, futhi ekugcineni zifika ekuqhakazeni lapha ngezinsuku zokugcina. NjengoJane noJambre bamelana noMose, ngakho kuyoba yinto efanayo.

56 Manje, ukwahlukana okuphelele nakho konke ukungakholwa. Futhi, khumbulani, uAbrahama ukhokho akazange ngokoqobo abusiswe ngokugcwele waze walalela impela uNkulunkulu athi akakwenze. Futhi asisoze, soze, soze sabusiswa nanoma yikuphi, futhi sibe nezibusiso, size silalele lokho uNkulunkulu athi asikwenze.

57 Enye into engifuna niyiqaphele lapha esahlukweni 12, ukuthi isivumelwano sasingenambandela sanhlobo. Kwakungekho zihibe ezaziqhaselwe kuso. "Ngikwenzile," hhayi ukuthi "uma wena." Babengekho o uma kuso. "Sengivele ngisenzile." Unika uAbrahama isivumelwano, ngokungenambandela.

58 Futhi manje yazini, esivumelwaneni sobuAdamu, sasingukuthi, "Uma ungawuthinti lomuthi, khona-ke Ngiyokwenza *ukuthi-nokuthi*. Kodwa uma uwuthinta, khona-ke Ngiyodingeka ukuba ngenze *ukuthi-nokuthi*." Niyabo, leso sasinomthetho uqhaselwe kuso.

59 Kodwa kulesisivumelwano, “Sengivele Ngikwenze uyise wezizwe eziningi.” Futhi Yena useve- . . . Konke akunambandela. Isivumelwano singumusa ongaxutshwe nalutho, umusa ngokoqobo nje. Into kuphela ababedingeka bayenze ukugcina lesisivumelwano kwakungukuhlala futhi bahlale ezweni; nazo zonke izibusiso, ezazihamba nesivumelwano, sasinabo. Into kuphela ababedingeka bayenze kwakungukuba bahlale kulelozwe. Manje siyathola, ngenkathi behlela eGibhithe, balahlekelwa yisibusiso sabo, kodwa hhayi isivumelwano sabo. Isivumelwano sasiselokhu silapho. Balahlekelwa yisibusiso, kodwa hhayi isivumelwano sabo, ngoba isivumelwano sabo sasingumusa, singenambandela.

60 Futhi ku—kuEksodusi, isahluko 19, Eks- . . . UIsrayeli wenza enye yezinto zakhe ezingubudedengu obukhulu kakhulu ake azenza, kwakungenkathi ala umusa futhi wemukela umthetho. Bukani ukuthi umusa wawenzeni. Umusa wadingeka ubanike umkhululi, wadingeka ubanike umprofethi, neNsika yoMlilo ukuba imqinisekise neZwi eliqinisiwe, kwakuyiwundlu lomhlatshelo. Umusa wawubaphe imvuselelo enkulu. Umusa wawubadlulisile, wavula uLwandle oluBomvu, wababeza lolo. Wabakhulula ngezibonakaliso nezimanga, konke ngomusa. Kodwa babefuna enye into ethize ukuze bakwazi ukuzenzela amagama athize amakhulu.

61 Manje, uma lokho nje kungesibo abantu namhlanje, yinto efanayo nje. Bafanele, umuntu ufanele azibandakanye kukho ndawondawo. Futhi yilapho lapho uIsrayeli enza khona iphutha lakhe elikhulu, ngenkathi enqaba umusa futhi wathatha umthetho, esikhundleni. Ne . . . Noma kunjalo, kodwa isivumelwano Asenza nabo sasisalokhu singenambandela. Kuseyinto efanayo namhlanje, siyayithola.

62 UAbrahama, ngaleyonkathi, emva kokuba esebenalezizimo zinikwa yena, waqala uhambo lwakhe, eqhubeka. Manje sithola ukuthi waphuma.

63 Futhi esahlukweni 13, ekugcineni ufika endawaneni yokulalela okugcwele kuNkulunkulu. Manje siyathola, esahlukweni 13, ukuthi uLoti . . . Kuqala, wathatha uyise, nekhehla lalihlala njalo liwuhlobo olusendleleni. Futhi wazama ukuthola isigejane sihuduleka naye. Futhi uma wenza lokho, yilapho okuthole khona. UNkulunkulu wathi, “Yehlukana.”

64 “Awu, ngizokutshela, abakholwa ncamashi, kodwa . . . ” Bese-ke uyadeda kukho. Yileyonto kuphela, nje deda kukho.

65 Kwase kuthi-ke ikhehla, lathi ekugcineni, emva kokuba sebelimbele, khona-ke, uLoti waba wu—wunwele ebheskidini, njengokusho. Sithola ukuthi uqala ukukhononda. Futhi bobabili baceba, futhi babenenala ukuba bahambisane nakho. Futhi sithola-ke ukuthi uLoti uqala ukuxabana, abelusi bakhe bezinkomo bemelene nabelusi bezinkomo baka Abrahama.

66 Futhi sithola ukuthi Wayekade engenakho, uNkulunkulu wayengakakutholi ngokugcwele ukwethembeka ku. . .-aham, uAbrahama, ukulalela lokho Ayemtshele ukuthi akwenze, ukuzahlukanisa ngokupheleleyo kuzo zonke izihlobo zakhe, nabo bonke ababantu bakubo, nokuMkhonza.

67 Ngakho sithola ukuthi, uNkulunkulu ekhuluma kuAbrahama lapha, ealtare, futhi wayekade emtshelile ukuthi akenzeni. Ekugcineni, uLoti, ngenkathi kuqubuka umbuzo phakathi kuka Abrahama noLoti; wayeyindodana yomfowabo uHarana, futhi ba. . .Kwakungaba ngumshana wakhe. Futhi ekugcineni wathi, "Akuthi. . .Sesingabazalwane manje. Asisezukuxabana phakathi kwethu. Manje wena, uma uya empumalanga, ngiyoya entshonalanga. Futhi uma uya entshonalanga, ngiyoya empumalanga. Manje sehlukanise thina uqobo nje, futhi asizuku. . .Kunenqwaba yendawo lapha yethu sonke. Futhi vele nje uhambe, zikhethele nje." Manje lowo kwakungumoya womKristu ngempela kuAbrahama, unika ngisho isitha inzuzo yokuzikhethela. Futhi ngakho umyekela athathe indlela yakhe.

68 Futhi uLoti, njengabaningi kakhulu namhlanje, balibonile ithuba. Uma eke waze wasuka esandleni leso esiqinile, ngani, angaze azenzele amadola ambalwa, angahle abe yindoda ethandwa ngabantu. Ngakho wabuka ezansi ngaseSodoma. Futhi kwakuyizwe eliniseleka kahle, idolobha elikhulu, nomuhle wezemisebenzi usawoti, kanjalonjalo. Bona, babenezokuhwebelana namazwe angaphesheya zivela lapho. Kwase—kwase kuthi-ke, futhi, laligcwele isikhathi esikhulu, abesifazane nawo wonke upende wabo kaJezebele nayo yonke into, isikhathi esikhulu nje. Umkakhe wathi ukuzizwa kancane engaleyondlela, naye, ngoba, siyathola, emva kokuba esebe yimeya ezansi lapho ukuthi wathi uku—wathi ukuyithanda indlela yabantu. Futhi yileyonto kuphela ozofanele uyenze, ngukuxubana nento ethize. Niyabo?

69 UNkulunkulu ufuna uzahlukanise, futhi—futhi udede kude le nalezozinto uze ungabe usazibona nhlobo. Lokho, ufuna ukubona into eyodwa, lowo nguYe nalokho Akwethembisa.

70 Kodwa uNkk. Loti, wathi ukukuthanda. Futhi, akungabazeki, washo ukuthi, "S'thandwa, manje kade ngisezansi nje, futhi uyabuka ukuthi abesifazane bagqoka kanjani ezansi lapho, futhi awubheke lawomantombazane. Buka ukuthi agqoka kanjani amantombazane ethu. Ngakho awucabangi ukuthi ayisimodeni kakhulu na?" O, he! Uma singabuyele ngqo kwenye iSodoma, angazi ukuthi kungani. Lapho siyathola.

71 Kodwa uAbrahama wahlala nesithembiso. Manje-ke siyathola, lapho kuqhubeka, ne. . .lapho bezahlukanisa, noLoti. NoAbrahama wathatha izinkundla ezihlwempu kakhulu,

indlela encane, wahlala enhla lapho okwakungekho kakhulu kangako ukudlisa izinkomo zakhe. Futhi, kodwa, wayekulungele ukuthatha indlela, ngoba uNkulunkulu weyembeke kulelozwe, futhi yilapho ayefuna ukuhlala khona. Elungele ukuyithatha.

72 Manje ngenkathi ekugcineni, esemlalele ngokugcwele uNkulunkulu, ngenkathi ekugcineni esemlalele uNkulunkulu ekugcwaleni kwakho, ukuba azehlukanise ngokuphelele, kwaba ngaleyonkathi-ke ukuthi iNkosi yabonakala kuye futhi. Waze wakwenza lokho, iNkosi yayiqhelile kuAbrahama. Kodwa ngenkathi eselalele ngokugcwele, khona-ke uLoti . . . UNkulunkulu wabonakala kuye, Wathi "Abrahama, phakamisa amehlo akho. Bheka empumalanga, bheka entshonalanga, bheka enyakatho, bheka eningizimu, konke okwakho kungokwakho." Amen. Manje, ngiyakuthanda lokho.

73 Futhi, niyazi, lokho kuyinto njengoba kwakunjalo ngenkathi ngisindiswa. Ngangihlala njalo ngizwa ngoNkulunkulu enguNkulunkulu omkhulu. Futhi, niyazi, ngenkathi ngisindiswa, ngi . . . Omunye wathi, "Manje okufanele ukwenze kuphela ngukujoyina ibandla, bese ufaka igama lakho kuloluhlu lwamagama ebandla lapha ebandleni leBaptisti. Yilokho kuphela ofanele ukwenze."

74 Kodwa, niyazi, ngoluny'usuku ngabona ukuthi ngangiyindlalifa yento ethize, enga—nga—ngafuna ukubuka ngayo futhi ngibona ukuthi nganginani. Niyazi, ngiyileyondlela nje. Njengo—ngomhubhe omkhulu phakathi kwezakhiwo, ungowakho, futhi—futhi yonk'into lapho ingeyakho.

75 A—awazi ukuthi unani uze uyobheka ngeBhayibheli, ukuthola izithembiso. Amen. Bayokuvimbela kuzo uma bengahle bakwazi; kodwa zingezakho. Zonke izithembiso ziya kuAbrahama naseNzalweni yakhe emva kwakhe. Amen. Zonke izithembiso zobuNkulunkulu eZwini zingezika Abrahama neNzalo yakhe, futhi niyindlalifa kuso. Indlalifa! O, he! Ngiyathanda ukubuka ngale ukubona ukuthi nginani. Uma umuntu mumbe engipha into ethize, ngiyathanda ukuyibukisisa. Futhi ngithanda ukubuka ngeBhayibheli bese ngibona ukuthi yini okungokwami. Yonke iNzalo ka Abrahama ibifanele yenze lokho, uma uba ngozelwe ngokusha, ugcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele phezu kwakho, uyindlalifa kuzo zonke zalezozithembiso.

76 Uyazi, kunjengoba ngishilo, umhubhe omkhulu ophakathi kwezakhiwo, ngokuba sibhaphathizelwa kulowomhubhe ophakathi kwezakhiwo. NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye, nalowoMzimba unguKristu, oyiNzalo yobuKhosi ka Abrahama, nezindlalifa kukho konke okukuwo. Amen. Yonk'into eyayikuNkulunkulu, uNkulunkulu wayithululela kuKristu; yonk'into eyayikuKristu, Wayithululela ekholweni. Amen. UNkulunkulu ngaphezu

kwethu, uNkulunkulu enathi, noNkulunkulu ekithi! Yonk'into, zonke izithembiso eNcwadini, zingezakho uma ungazikholwa, uma unokukholwa ngokwenele ukukwemukela futhi ukukholwe.

77 Niyazi, ngiyaqalaza, uma ngithola into ethe ukuphakama kakhudlwana, ngiyamangala ukuthi yini ekulokho, ngiyozitholela ilada bese ngiliphushela ngapha nangapha, bese ngilokhu ngikhwela ngize ngenyukele kuyo. Yileyondlela, isithembiso eBhayibhelini, uma noma yini ibonakala sengathi iyimfihlakalo kimi, ngibe lokhu ngiqhubeka nje ngikhuleka ngize ngifinyelele kuyo. Yilokho kuphela. Yileyondlela yokukwenza. Uqhubeke nokukhuleka, uqhubeke nokubambelela, ukhwele uye phezulu, ukholwa, uze u... Uyindlalifa kukho, unesithembiso kukho, futhi unelungelo kuso, futhi, "Celani khona niyakuphiwa, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo."

78 Manje sithola ukuthi uAbrahama wahamba wadabula izwe. UNkulunkulu wamtshela, wathi, "Hamba udabule izwe, ulihlole. Yonk'into ephakathi lapha ingeyakho. Konke nokuncu kwalo konke kungokwakho. Lonke lingelakho."

79 Manje siyathola-ke, ukuthi, ukuthi esahlukweni 14 sikaEksodusi manje noma...Isahluko 14 sikaGenesisi, ngiyaxolisa. Esahlukweni 14 sikaGenesisi, uAbrahama noLoti babehlukanile, noLoti ekugcineni wangena kwenye inkathazo. Futhi uyokwenza njalo, uma uzehlukanisa nabakholwayo, uyongena enkathazweni. Sithola ukuthi amakhosi ayesehlangene ngesivumelwano futhi enza impi. Futhi ayehla ayesethatha iSodoma, athatha iGomora, athatha onke amakhosi abo asezikhisini nasezigodini, nayo yonk'into, ayesethatha uLoti. Futhi abantu abambalwa nje baphunyukela ezintabeni.

80 Futhi ngenkathi benza, omunye owaphunyukayo uyafika futhi watshela uAbrahama umHeberu, washo, ukuthi, "ISodoma liwile, neGomora, futhi bathathe amakhosi abo, no—nokunye nokunye, futhi bathatha bonk'abantu, nokudla kwabo okungumphako nayo yonk'into ababenayo. Futhi bathatha uLoti nomkakhe, namadodakazi akhe, bonke abesifazane, futhi useqhubeke nakho."

81 Manje, uAbrahama, bhekisisani lomoya womKristu elandela umfowabo. Ngisho nalokho, nokho, uLoti ehlubukile, wabuyela emuva, nokho uAbrahama wamthanda. Waqhubeka nokulandela.

82 NjengoJesu nje, oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Nokho, baMkhiphela ngaphandle kwebandla labo. Futhi Wayengaphandle, engqongqotha, ezama ukubuyela angene. [UMfowethu Branham ungqongqotha kasikhombisa phezu

kwepulpiti—Umhl.] Ukuba nje Wayengathola omunye umuntu ukuba avule umnyango ukuze Akwazi ukungena!

83 Nanko lowomoya ka Abrahama, niyabo, elandela owakhe owile, umfowabo owehliswe isithunzi. Futhi wamlandela, wayesethatha izinceku zakhe eziyindoda angamakhulu amathathu wayesewahlomisa. Wayesehlangana naye ezansi kwaDani; leso yisiphetho esisekugcineni ngci kwasePalastine lapho. Wayesehlangana naye lapho, wayesezahlukanisa ebusuku, wayeselandela futhi walwa namabutho ezansi, wayesenqoba amakhosi, wayesewabulala ngokuwaceka, wayesebuyisa konke okwakhishwayo.

84 Qaphelani, ngenkathi esebuya, isithombe esihle kanje pho lapha. Yingalesosizathu ngithi ukuthanda nje ukukubona lokhu kancanyana kungakabonwa uwonkewonke, ngakho sithola i . . . ngingakangeni endikimbeni yami ka*Jehova-Jira*. Uma niqaphela uAbrahama ebuyisa konke lokho okwakukade kulahlekile, umfowabo ophiyazayo nabantwana, lapho ebabuyisa, amakhosi aphuma ukuhlangabezana naye.

85 NoMelkisedeki uyaphuma, "OwayeyiNkosi yaseSalema, iNkosi yokuthula, iNkosi yokulunga, iNkosi yaseJerusalema; engenayise, engenanina, engenakuqala kwezinsuku, engenakuphela kokuphila." UMelkisedeki wahlangabezana naye ekubu-. . .evela ekubulaleni inkosi, kuYe ukhokho uAbrahama (amaHeberu 7) ahlangabezana naloMuntu futhi wathela okweshumi, izishumi. LoMuntu ufanele ukuthi wayemkhulu kangakanani nje! Nicabanga ukuthi kwakungubani na? "Wayengenayise. Wayengenanina. Wayengakaze aqale." Futhi noma ngabe UnguBani, Usaphila. "Akazange aphele. INkosi yaseSalema, iNkosi yokuthula!" O, Wayengubani loMuntu omkhulu na?

86 Futhi qaphelani ukuthi mfanekiso muni esiwuthola lapha. Emva kokuphela kwempi, emva kokuba i—ikholwa langempela selilwe nesitha, labhidliza imigqa futhi lazama ukuthumba umfowabo, iNzalo ka Abrahama yangempela ebuyisa lowomfowabo ophiyazayo, uMelkisedeki uyaphuma wayesenza iwayini nesinkwa, isidlo, enikeza isidlo emva kokuphela kwempi, wenza isidlo kuye emva kwempi.

87 Umfanekiso omuhle kabi wangenkathi lapho impi isiphelile, lapha emhlabeni, ukunqoba sekuzuziwe. UJesu wathi, "Bayosidla sisisha eMbusweni kaBaba," emva kokuba ophiyazayo esebuyisiwe. Khona-ke into yokuqala esiyenzayo uma singena, emva kokuba impi isiphelile, ngukuhlala phansi etafuleni eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi lapho labo olwile, futhi wahlala phansi futhi wanqoba, bayokwembathiswa ukulunga kukaKristu, bese kuthi-ke futhi bathatha isinkwa newayini, eMbusweni kaBaba ngaphesheya. Isithombe esinje

pho sangempela lesi, sika Abrahama ephuma futhi ethola uLoti futhi embuyisa.

88 Manje siyathola-ke, ukuthi esahlukweni 15, sithola into egqame ngempela lapha. Ngi—ngithi ukukuthanda lokhu, kuhle ngokudlulele, ukubona ukuthi uAbrahama wayengubani manje, noAbrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Siyathola lapha, ukuthi emva kokuba uAbrahama wayesenze zonke lezizinto ezinkulu; ekholwa nguNkulunkulu, ebambelele esithembisweni, ezahlukanisa, futhi sonke lesisikhathi ephuma elandela indlela yo—yokwenza imiyalelo yeNkosi; sithola ukuthi uNkulunkulu wabonakala kuye ealtare. NoAbrahama waMbuza umbuzo, wathi, "Manje, ubani oyindlalifa yami ngaphandle—ngaphandle kwaloEliyezeri waseDamaseku na? Futhi manje Wangethembisa iNzalo. Futhi ngi—ngifuna Wenze into ethize; ngifuna Uqinise lesisithembiso kimi."

89 Futhi uNkulunkulu washo ukuthi Wayezosiqinisa kuAbrahama, eqinisa isivumelwano Ayesenze phakathi kwaKhe noAbrahama. Manje Uzomnika isibonakaliso ukuthi sizoba yiqiniso. Ukuthi, ngisho nakuba esemdala, usethi akabe namashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu manje, kodwa nokho Uzofakazisa kuye, ngesibonakaliso, ukuthi Uzosigcina lesosivumelwano.

90 O, ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu njalo usinika izibonakaliso, ngoba U. . .Besifanele sazi, namhlanje, ukuthi ihora esiphila kulo manje, kufanele kubekhona isibonakaliso emhlabeni ngalesisikhathi. Sifanele sibheke lesosibonakaliso. UNkulunkulu akenzi lutho neze ngaphandle kokuba kuqala anikeze abantu isibonakaliso nesixwayiso. Nesibonakaliso sangokoqobo silandelwa yiphimbo, futhi njalo iphimbo liyiphimbo langokomBhalo.

91 Manje Uzoqinisa isivumelwano kuAbrahama, noma uAbrama, nokho. Wayesethi, "Zithathele isithole esisesincane." Manje, khumbulani, kunethole lensikazi. "Bese uthatha imbuzi yensikazi eneminyaka emithathu ubudala. Ngayinye ifanele ibe neminyaka emithathu ubudala." Qaphelani, isithole esineminyaka emithathu ubudala, insikazi; imbuzi eneminyaka emithathu ubudala, insikazi. "Nenqama," iduna. Ngayinye zontathu, iminyaka emithathu ubudala, futhi zintathu. Zintathu; yona eyesikazi, wona amasikazi amabili, nayo eyeduna. Niyabo? Iminyaka emithathu ubudala, umhlatshelo ohlanzekile, iwundlu. . .isithole, imbuzi yesikazi eneminyaka emithathu ubudala, bese-ke kuba yinqama.

92 Uma niqaphela, yonke into lapho yakhela esibonakalisweni. Futhi manje angifanele ukushumayela imfundiso emsamo lapha, futhi nginesiqiniseko ukuthi lokho kusondele ngokwenele ukuthi ningakubona. Qaphelani. Wayesethatha ezimbili,

izinyoni ezimbili. "Eyodwa yivukuthu neyodwa yihobhe," ezingumndeni ofanayo, ivukuthu nehobhe.

93 Manje wanquma imbuzi...imvu ibe kabili. Wanquma i—inqama nembuzi, nezinye. Wazehlukanisa, wazinquma zaba nguhhafu, wayesezibeka phansi. Kodwa amajuba, u... nevukuthu, akakwehlukanisanga. Lokho kwakungukuthi, kusobala, noma ubani uyawazi umBhalo, uyazi ukuthi lokho ngukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Niyabo, kukuzo zombili izivumelwano. Futhi ngakho siyathola, wazibeka phakathi. Ukuphilisa njalo kungokukholwa eGazini elichithekile, njalo. Nesivumelwano esidala sasinokuphilisa ngokukaNkulunkulu, sinakho kangakanani-ke isiVumelwano eSisha na? Niyabo? Uma isivumelwano esidala sakuveza, kuthiwani-ke ngeSisha, nxa, "Siyisivumelwano esingcono kakhulu, sikhuluma okungcono, izinto eziphakeme kakhulu, izinto ezinkulu kakhulu, izinto ezingcono"? IsiVumelwano eSisha!

94 Manje siyathola kulokhu, ukuthi uAbrahama, ngenkathi enza lokhu, manje-ke qaphelani ukuthi kwenzekani. Manje nanti elikhulu, iphuzu eligqamile. Angifuni niku—ku—kugeje. Ukuqinisa kwesivumelwano, ngamany'amazwi, yisithembiso, ukuthi, "Ngiqinisile kweNgikwenzayo noma eNgithi Ngizokwenza," uNkulunkulu ekuqinisa kuAbrahama.

95 Wayesethatha leyomihlatshelo wayeseyibulala, wayeseyibeka ngamachopho, ndawonye, lapho eyibeka phansi; futhi waqapha izinyoni zingasondeli kuyo, ukuze izinyoni zingehleli phezu kwenyama eseyintsha, ilanga laze lashona, kusihlwa. Futhi ngenkathi ilanga selishona, noma lalishona, lapha Wakhombisa uAbrahama Ayezokwenza ngenkathi ezayo, okwakuzokwenzeka.

96 Qaphelani, Watshela uAbrahama: Into yokuqala ayibona kwakungukwesaba okukhulu ngempela kobumnyama kuza phezu kwakhe. Kuqala, ubuthongo obunzima ngempela behlela phezu kwakhe. Manje, lobo buthongo babumele ukufa kuzo zonke izidalwa ezingabantu. Wonke umuntu umele afe; ukufa kuzo zonke izidalwa ezingabantu. Lobo buthongo buyamehlela; futhi ngaphambi kwalokho kwahamba u—u—ukwesaba okukhulu ngempela kobumnyama; kwase-ke kuhamba isithando somlilo; kwase-ke kuba ngukuKhanya okuncane okuvuthayo kwaya phakathi kwesivumelwano, kwaya phakathi kwemihlatshelo, kwawehlukanisa. Manje kuchaza ukuthini lokho na? Kuchaza ukuthi sonke isidalwa esingumuntu sifanele sife; futhi ngempela, emva kwalokho, sifanele ukuya esihogweni; kunjalo, ebumnyameni, ubumnyama obungaphandle, wehlukana noNkulunkulu; kodwa ukuKhanya kwangena, futhi kwaya maphakathi, kwehlukanisa leyomihlatshelo. Uma niqonda, si... Lesosivumelwano!

97 Njengathi thina maMelika, sisenza kanjani isivumelwano na? Awu, into yokuqala esiyenzayo, siyasho, sizokwenza uhlobo oluthile lokuthengisa kwebhizinisi noma okuthize, ngokwejwayelekile siyaphuma bese sidla; bese sihlala phansi, sixoxe isikhashana, bese-ke sinikeza iziphakamiso zethu; bese sixhawulana. Sithi, "Xhawula kuso!" Leso yisivumelwano sethu. Leso yisithembiso sethu.

98 Manje, eJapani, niyazi ukuthi basenza kanjani isivumelwano eJapani na? Baba nokuthize abazokudla nabo; bese-ke becaphuna uphiso oluncane lukasawoti, bese bephoselana usawoti. Lokho ngukuqiniswa kwesivumelwano.

99 Siyaxhawulana, sithi, "Sesibekwe uphawu, mfana omdala. Ngiyasikholwa. Ngizohlala nawe.Yisithembiso."

100 KumaJapani, eJapani, baphoselana usawoti. "Sesibekwe uphawu, bhuti. Lokho ngukuphela kwaso." Lokho sekungukuphela kwawo wonke-ke umbango. Wona, ayenza isivumelwano, asiqinise, ngokuphoselana usawoti.

101 Kodwa kudala. Ngingakuthatha okunye kwalokhu na? [UMfowethu Branham ucosha isiqephu sephepha—Umhl.] Kudala, nansi indlela ababenza ngayo isivumelwano. Sasidweba uvumelwano, bese sithatha uvumelwano bese silubhala lugqame *kanjalo*. Bese-ke sibulala isilwane, umhlatshelo; siwehlukanise, siweneke njengoba kwakunjalo ngesikhathi sika Abrahama lapho. Bese-ke sima maphakathi nalesisivumelwano, wena nami, bese senza isifungo kuNkulunkulu. "Uma sehluleka ukugcina lesisivumelwano, kwangathi singaba njengalowomhlatshelo ofile ofe endaweni yethu. Makuthi igazi lalowomhlatshelo liphendule phezu kwethu. Kwangathi singafa ukufa okufanayo, uma sehluleka ukugcina isivumelwano."

102 Kwase-ke konke kudwetshwa kugqame, noma kubhalelwe esiqeshini sombhalo ka*njalo*. Bese-ke siklejulwa sibe kabili, ka*njalo*. [UMfowethu Branham uklebhula isiqephu sephepha sibe kabili—Umhl.] Manje wena uthatha uhhafu owodwa, nami ngithatha uhhafu. Futhi manje, niyabo, ungeke wenza lokho okungumfanekiso wakho nhlobo, ikakhulukazi uma kubhalwe esikhunjeni semvu. Niyabo, wawungeke wenza okungumfanekiso wakho nhlobo. *Lokhu* kuzofanele kufane nesisila sejuba ncamashi na*lokho*, ukukwenza kube njalo. Bese kuthi-ke uma thina sihlangana, ngiphethe ingxenye eyodwa, wena uphethe enye ingxenye. Bese kuthi-ke uma thina sihlangana, nalesisivumelwano sizokwenziwa, nezifungo zethu sizohlawulelwa, khona-ke isiqephu sami sephepha sifanele sifane nesisila sejuba ncamashi nesiqephu sakho sephepha, futhi ngakho-ke nguwe onami esivumelwaneni.

103 UNkulunkulu ayekutshengisa lapho Ayekwenza, ukuthi uNkulunkulu uqobo lwaKhe wayehla ukuba enziwe inyama, futhi Wayezoba sesivumelwaneni. NoNkulunkulu wathatha

uKristu, uMoya; uNkulunkulu uJehova wathatha uKristu, esiphambanweni, WayeseMklebhula kabili. Waqhaqha umphefumulo waKhe wayesewubeka Phezulu, wayesethatha umzimba wayesewufaka ethuneni. Wayesephakamisa umzimba, ekuseni kokuvuka; wayesebuyisa uMoya owawuphezu kwaKhe, ukuba ube phezu kweBandla. Lokho, ukuqinisa okufanayo ngalolu izinsuku zokugcina, "UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade," lapho lesosivumelwano esifanayo sasizofanele sibe kubantu.

104 UzoSithola kanjani ngemfundo na? UzoSithola kanjani noma ngayiphi indlela ngaphandle kokuqinisa kophilayo, uJesu Kristu ovukileyo ovuswe kwabafileyo futhi ehlezi koMkhulu kweliPhezulu, kulobubusuku na? NoMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe, uphezu kweNzalo yobuKhosi ka Abrahama, ngezinsuku zokugcina, eqinisa futhi efakazisa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Amen. Kukwenza uzizwe ugcwele ukholo, akukwenzi na? Nakho, esivumelwaneni esiyiso du, "Ngilobe isivumelwano saMi phezu kwezinhliziyo zabo." UJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo mina nani niyakuzenza."

105 Njengoba senyukela lapha eSodoma, emizuzwini embalwa, kubhekisiseni ukuthi kukanjani, ukuthi kwenzeka kanjani lapho, ncamashi ukuthi isithembiso sikanjani sosuku lokugcina nokuthi Wayezokwenzani.

106 Wayesiqinisa, ekhombisa ukuthi U . . . Waklebhula umzimba kaJesu wehlukana, ethatha uMoya, waphakamisa umzimba waya ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu; wayesehlisa enye ingxenye, ingxenye Ayiklebhula wayikhipha, uMoya phezu kwethu, obizwa ngoMoya oNgcwele. Futhi khona impela ukuPhila okwakukuKristu kukini, lokho kukhombisa ukuthi UnguMhlengi wenu. Wanenza isimo sobuntwana kuNkulunkulu, futhi manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, enoMoya kaKristu. Amen.

107 "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza. Emikhulu kunalo niyakuyenza, ngokuba mina Ngiya kuBaba waMi." Amen.

108 UMoya owawukuYe uphezu kwenu, ukuPhila okuPhakade. Ungumnikezeli wokuPhila okuPhakade. UnguMhlengi, ukubuyisa lokho okwawa ekuweni, esintwini, ukubuyisela kuNkulunkulu. NoMoya owawukuKristu ukini. Futhi uma umoya ka—kaDillon ubukimi, bengiyoba nezibhamu. Uma umoya wengcweti yokudweba ubukimi, bengiyodweba izithombe. Uma uMoya kaKristu ukini, imisebenzi kaKristu niyakuyenza. Amen. Kunjalo. UkuPhila okwakukuYe kukini.

109 Dlulisela ukuphila kusuka kunoma yini kuye kwenye into. Uma ubungathatha ukuphila kwe—kwethanga bese ukufaka emvinini wekhabe, bekungathela amathanga, impela. Khipha ukuphila esihlahleni sepentshisi, bese ukufaka

esihlahleni samapheya, siyothela amapentshisi, ngoba ukuphila okusesihlahleni kunikeza ubufakazi obubonakalayo bakho.

110 Futhi lapho ikanjalo iNzalo yobuKhosi; ngoIsaka kuvela inzalo yemvelo, eyaYenqabayo. Esiphambanweni, kusukela kuEfrayimi kuya kuManase, sedluliselwa, isibusiso sisuka esandleni sokudla siya esandleni sokunxele; noma isandla sokunxele singesokunxele, umagcino kuya komdala; ngesimo esijikwe sonke kusuka enzalweni yemvelo kaIsaka, eyenqaba uKristu, nebandla lemvelo namhlanje elisaMenqaba.

111 Kodwa ekamoya, iNzalo yobuKhosi kaNkulunkulu ekholwayo, iNzalo yobuKhosi ka Abrahama elikholwa lonke iZwi likaNkulunkulu, kunesiqiniso sophilayo, uJesu Kristu ovukileyo kubo. Amen. Amen. O, he! Niyabo, into efanayo okwakuyiyo, lonke iBandla lifanele libe nokuhlobana.

112 Ngenkathi lifanekiswa enzalweni yemvelo, bukani, uIsaka noRebeka babengomzala bokuqala, ukuhlobana kwegazi, obaba abafanayo; niyabo, obaba babengabafowabo, kwabenza abazala begazi, umlobokazi nomyeni.

113 Futhi kuAdamu noEva, konke kwakunguAdamu, kwasekuqaleni nje. UNkulunkulu wakhipha ubambo ohlangothini lwakhe futhi wenza owesifazane, futhi Wakhipha umoya wobufazane kuAdamu wayesewufaka kowesifazane.

114 Ngakho-ke uma owesifazane eziphathisa okwesilisa, kunenye . . . kunempendukezelo lapho ndawondawo. Futhi uma owesilisa efuna ukuba yisitabane esikhulu, kukhona okungalungile ndawondawo. UNkulunkulu wenza owesilisa futhi wamgqokisa njengowesilisa, nowesifazane njengowesifazane. Ubahlalisa njalonjalo bengaleyondlela. Amen. Uma ubabona benza enye into ethize, kukhona okungalungile. Iphendukezelwe. Futhi yonk'into isiphenduke isigejane sezimpendukezelo. Kunjalo impela. Sonke isintu, sonke isizukulwane, kungukuthi, "yonk'into iyisilonda esibolileyo," njengoba kwasho iBhayibheli. Kul'khuni ukuba nokuzwakala nomaphi. Niyazi lelo yiqiniso. Kungebe l'khuni ukuthola-muntu—muntu phakathi kwabo ngaphandle . . . Kodwa phumela emgwaqeni, kul'khuni ukuthola owesilisa wangempela; izitabane njengalokhu ngake ngazibona impela. Nabesifazane, bagqoka amabhulukwe, bagunda izinwele zabo, bapende umlomo, babheme osikilidi, bazame ukuba ngowesilisa. Ufunelani ukuba ngowesilisa na? Ufanele ukuba yinenekazi.

115 Ngibone isayini, yayithi, "Amatafula amanenekazi," ebareni.

116 Ngathi, "Awukaze ube nomthengi." Inenekazi ngeke laya endaweni enjengaleyo. Qhabo, mnumzane. Qhabo, inenekazi lingeke. Owesifazane angahle aye, kodwa hhayi inenekazi. Lingeke laya endaweni enjengaleyo. Kodwa nakho lapho okhona, uyabo.

117 UNkulunkulu wehlukanisa, wanquma. Niyabo, uMzimba, uMlobokazi kaKristu, uzofanele abuyele ngqo kokokuqala. Manje uEva wa . . .

118 Wayeyini uEva na? Yena noAdamu babefana. Babebizwa ngoAdamu. Babengumoya. Ngenkathi Ebumba umuntu, okokuqala, Wamenza ngomfanekiso waKhe uQobo. NoNkulunkulu unguMoya. "Ngomfanekiso kaNkulunkulu Wamdala, owesilisa nowesifazane Wabadala." Waye . . . kwase kuthi-ke noma kunjalo kwakungekho-muntu wokulima umhlabathi. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wabumba umuntu ngothuli lomhlabathi wayesefaka lomoya onobubili kuye, nalowo kwakunguAdamu wokuqala.

119 Kwase kuthi-ke ngenkathi Ehlukanisa uEva kuAdamu, uEva wawa ngokulikholwa ngokungesikho iZwi. Kunjalo. Yilapho ibandla lehluleke khona namhlanje, lilikholwa ngokungesikho iZwi!

120 Kodwa kuloludaba, eNzalweni yobuKhosi, ebiziwe, emiselwe ngaphambili ekuPhileni okoPhakade, iNzalo yobuKhosi ka Abrahama, bayalikholwa leloZwi. Anginandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, bahleka kangakanani, ukuthi ubani osho *lokhu*, *lokho* noma *okunye*, bamiselwe ukuPhila okuPhakade. Futhi ubuyela ngqo emuva. Yena nesiThandwa saKhe, uKristu, munye. UkuPhila, uMoya okuKristu, useBandleni. Leso yisivumelwano sabo esiPhakade lapha. Niyabo? UNkulunkulu wathatha uMoya kaKristu, wawehlukanisa phakathi, emhlatshelweni eKalvari; wayesethatha lowoMoya, waphakamisa umzimba wayesewuhlalisa ngakwesokunene sesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu nesoMkhulu kweliPhezulu. Lokho ngukuthi, yonk'into eZulwini ilawulwa nguYe. Kwase kuthi-ke uMoya owawuphezu kwaKhe, uyabuya; uMoya ofanayo, hhayi omunye uMoya, uMoya ofanayo ufika phezu kwaKhe, ukuqinisa isivumelwano eNzalweni yobuKhosi.

121 Futhi ngezinsuku zokugcina sifanele ukukubona, ngokomBhalo. Futhi ngaphambi kokuba uMlobokazi kaKristu aze ayiswe phezulu, kuzofanele kube nenkonzo nje ehlangana okwesisila sejuba nalokho impela nje. Amen. Ngiyajabula kakhulu ukuba ngisho, kulobubusuku, ukuthi ngiyazi ukuthi lokho kuyiQiniso. Amen. Kuhlangana okwesisila sejuba, kuqinisa isivumelwano!

122 Wasiqinisa lapho, wamkhombisa Ayezokwenza, eqinisa isivumelwano. Noma yisiphi isifundiswa seBhayibheli siyazi ukuthi lokho kungenkathi Eqinisa isivumelwano kuAbrahama. Wayenzani na? Ekhombisa ngokufanisa, Ayezokwenza, ngalemihlatshelo.

123 Futhi manje isikhathi siyabaleka, futhi ngeke ngibe nesikhathi sokwehlukanisa lemihlatshelo. Ngizodingeka ngibe

mhlawumbe nokukwenza lokho kusasa ebusuku, kodwa, qaphelani, kukhombisa ukuthi ini, ukuthi lemihlatshelo yayichaza ukuthini. Kodwa, niyabo, Wasiqinisa, ekhombisa ukuthi ngezinsuku zokugcina . . .

124 Manje noma ubani owake wafunda umlando wasendulo, uyazi ukuthi leyo yindlela ababenza ngayo isivumelwano. Babesibhala, bese besidabula sehlukane phakathi, bese besinikeza; omunye athathe isiqephu esisodwa, nomunye esinye. Babefanele babuye, phezu komhlatshelo, benze umhlatshelo wabo. Yilokho uAbrahama akwenzayo e. . . ezansi eGerari, kanjalonjalo, lapho aya lapho, lapho ababenikela khona ialtare. . . babenikela phezulu umhlatshelo wabo futhi benza izivumelwano zabo, futhi basidabula sehlukana phakathi kanjalo. NoNkulunkulu wenza into efanayo, ekhombisa lapho lokho Ayezokwenza E-. . .

125 Umbuzo wawungukuthi, “Iphi—iphi leNzalo Owangethembisa yona na? Iphi? Ngiyoba yiyo kanjani na? Abantu bayangihleka, bathi, ‘Abrahama, baba wezizwe, sekube iminyaka eyishumi-nanhlanu. Manje usuneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala, noma—noma amashumi ayisishiyagalolunye. Uphi, uphi, uphi, uphi wonke umntwana wakho na? Unabantwana abangaki manje, baba wezizwe na?’” Niyabo, behlekisa ngaye. Kodwa akangabazanga. Wahlala nakho ngqo. Kwahlekiswa, bathi, “Baba wezizwe, manje asibone, bangaki abantwana onabo ngalesisikhathi na?” Niyabo, befuna ukuhlekisa, ngoba wayebambelele ezithembisweni zikaNkulunkulu, ekholwa ukuthi Uyakwazi ukugcina Akwethembisile. U—Ungaphezu kokukwenza. U . . .

126 Angawuhlinzeka umhlatshelo waKhe uQobo. UnguJehova-Jira. Angahlinzeka futhi enze indlela yalokho Akwethembisa. Futhi Wasiqinisa isivumelwano kuye ngokumkhombisa ukuthi Wayezosenza kanjani, ethatha uKristu futhi edabula ukuPhila kuYe, futhi ekuthumela phansi ezinsukwini zokugcina phezu . . .

127 Manje sizokuqeda lokho emBhalweni, ngaleliviki, ukufakazisa lokho kini, ukuthi lesisivumelwane sizofanele siqiniswe neNzalo yobuKhosi ka Abrahama, okungabantu abaphuma kwabeziZwe, hhayi amaJuda, “abantu abaphuma kwabeziZwe, ngenxa yeGama laKhe,” ekuthathela iGama laKhe. IBandla elineGama laKhe liyobuya lingene kuYe, ngoba Liyilowo, ukuPhila kwalo.

128 Lalelani, ngenkathi ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi uMoya oNgcwele wehla ngoSuku lwePentekoste, ukuPhila kwanikwa iBandla. NaleloBandla elaphuma ngqo futhi laveza, babhala emva kwaleloBandla iNcwadi yeZenzo, lalokho Elakwenzayo, ngoba kwakunguKristu kubaphostoli.

129 Manje uJesu wathi, kuJohane oNgcwele 15, "NgingumVini, ningamagatsha." Manje, umVini awutheli isithelo. Igatsha lithela isithelo. Likhuthazwa umVini. Awu, manje, uma leyongatsha, eyokuqala iyaphuma kulesosihlahla, yaveza iNcwadi yeZenzo; uma leso sike saze sakhipha enye ingatsha, kuyoba ukuPhila okufanayo.

130 Izinyanga ezimbalwa ezedlule, ngangimi nomngane wami omuhle, uJohn Sharrit, enhla ePhoenix. Ngihlala eTucson, njengoba nazi. Futhi ngakho ngangisenhla ePhoenix, uMfowethu John Sharrit, umfowethu ongumKristu okahle kakhulu. Futhi impela waye, empofu impela, neNkosi imbusisile. Futhi—futhi ngenkathi okokuqala ngiye ePhoenix, iminyaka edlule, wayengenabantwana. Futhi—futhi wayefune abantwana. Futhi—futhi ba, mpofu, esebenza phandle emgwaqeni, eqhumisa ukhonkolo, cishe amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amathathu amasente ngehora. Futhi wehlela lapho, futhi walikholwa lonke iZwi loMlayezo. Futhi wathi, "Uzongikhulekela na?" Unabantwana abahlanu manje.

131 Futhi lokho, ngaphandle kwalokho, unikeza cishe ezintathu kuya ezigidini ezine zamadola wonke unyaka emgomweni kaKristu. Futhi kunjalo. Ngangikanye naye lapha, kungekudala, ngibuka ngale eplazini lakhe likakotini. Wathenga isifunda sonke, wayenabaseMexico abangamakhulu ayishumi-nanhlanu belinakekela. Futhi kwaku, yiminyaka eyishumi-nanhlanu eyedlule wayeqhumisa ukhonkolo, okwamasente angamashumi amabili-nanhlanu ngehora.

132 Wangikhiphela esixhobweni sakhe esikhulu sezithelo ezisama wolintshi. Futhi ngase ngibona isihlahla esibukeka sixakile kunazo zonke, lapho, engake ngasibona empilweni yami. Kwakuwuhlobo oluthize lwesihlahla, sasinazozonke izinhlobo zesithelo kuso. Ngase ngibuka, futhi sasinama olintshi, sasinamalamula, sasinophaphamuzi, sasinohlobo lwamanantshi amathanjerini, sasinamathanjelo. Ngicabanga ukuthi kwakukhona cishe izinhlobo eziyishiyagalolunye ezehlukene zesithelo, noma ishumi. Ngase ngithi, "Hlobo luni lwesihlahla lolo na?"

133 "O," wathi, "lokho ngukulinga okuncane nje, Mfowethu Branham."

134 Ngathi, "O, ngiyabona." Ngase ngithi, "Konke kuphila ngalesosihlahla esisodwa na?" Ngathi, "Siwuhlobo luni lwesihlahla, kwasekuqaleni nje na?"

135 Wathi, "Isihlahla sama olintshi. Lolo uhlobo lwe olintshi olunenkaba."

136 Ngase ngithi, "Yilo na?" Ngathi, "Benzani laba abanye abafo lapho na?"

Wayesethi, "Bafakelwe kuso."

137 Ngathi, "O, ngiyabona." Ngathi, "Ngiyaqonda." Ngathi, "Manje, manje ngonyaka ozayo, yonke into izobuyela eolintshini, ingeke na?"

138 Wathi, "O, qhabo." Wathi, "Qhabo, ulamula uzothela ulamula." Wathi, "U . . . nophaphamuzi uzothela uphaphamuzi, nethanjerini izothela ithanjerini."

Ngathi, "Esihlahleni seolintshi na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

Ngathi, "Angiboni ukuthi singakwenza kanjani."

Wathi, "Sonke siyisithelo sezihlahla ezisama olintshi."

Ngathi, "Awu, ayibongwe iNkosi! Ngibona okuthize."

139 Buka! O, mfowethu, uma lowoMoya oNgcwele wenyuka ungena kulowomVini, futhi wakhiqizwa uvela emVinini wawo uya egatsheni lokuqala, futhi babhala iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Uma lesosihlahla sike saze saveza enye ingatsha yasekuqaleni, siyomila into efanayo. Kuyoba nguJesu Kristu. Manje sineMethodisti, iPresbyterian, iBaptisti, iLuthela, yonke enye into ifakelwe kuso, ithela isithelo samahlelo; kodwa uma sike saze saveza elinye igatsha, liyoba ngeloqobo, eligcwaliswe ngoKristu, elibekwe maphakathi nguKristu iZwi likaNkulunkulu.

140 Futhi, khumbulani, niyawukhumbula umlayezo othi *UMuthi woMlobokazi*. Abaningi benu uthatha iteyipu. Ukuthi umnini sivini uvela kanjani, futhi wawuthela uhlobo olungesilo lwesithelo, ngakho wawunquma, wawunquma, ulokhu ewunquma emuva, ewunquma emuva. Kodwa uJoweli wathi, "Okushiywe yisibotho, kudliwe yinkasa; okuyisibo- . . . okushiywe yinkasa, kudliwe enye into ethize." Sithola ukuthi lezozilwanyakazana yizilwanyakazana ezifanayo, kuphela zisesigabeni esehlukene. Futhi okushiywe yiLuthela, kudliwe yiMethodisti; okushiywe yiMethodisti, kudliwe yiBaptisti; okushiywe yiBaptisti, kudliwe amaPentecostal. Yonke into iyanqunywa iwiswe.

141 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, yonke iminyaka. Ngiyakubuye ngithumele elinye iBandla, ngezinsuku zokugcina. Ngiyakubuyisela lawoMandla asekuqaleni futhi. Ngi . . . Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya." Phansi enhliziyweni yalowomuthi, akunandaba ukuthi mangaki amagatsha elithenwayo, kuyakuvela iNzalo yobuKhosi ka Abrahama! Haleluya! UNkulunkulu wakwethembisa. UNkulunkulu uzokwenza. Wathi Uyokwenza. "Ngiyakubuyisela yonke iminyaka amahlelo ayidlayo. Ngiyakubuyisela yonke iminyaka. Ngiyithenile ngayisusa into, kodwa nokho kuyofika umVini ovela enhliziyweni yawo. Uyoba njengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi, umuntu ozindla ngeZwi likaNkulunkulu, imini nobusuku," hhayi esivumweni-

kholo noma ihlelo, "kodwa ozindla ngeZwi, imini nobusuku. Uyobanjengomuthi otshalwe ngasemfuleni wamanzi; amagatsha awayikubuna. Uyakuthela isithelo sakhe ngesikhathi sonyaka." UNkulunkulu wakwethembisa.

142 UNkulunkulu, edabula ededela, emonyula, enquma ehlukanisa, ezahlukanisa Yena, ezaba Yena. Wenza into efanayo ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi uMoya oNgcwele wehla. LeyoNsika yoMlilo yehla, eyalandela uIsrayeli, sonke siyazi lelo kwakuyiZwi-mcabango, lowo kwakunguKristu. Futhi ngenkathi Ehla, ngoSuku lwePhentekoste, Wenzani na? Wazaba Yena, nezilimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo. UNkulunkulu ezaba Yena phakathi kwabantu. O, mfowethu, ungeke waba ngongabiwe, ngoMoya ofanayo owawukuKristu.

143 "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyanzayo mina naye uyakuyenza. Emikhulu kunalo, noma *eminingi ngokwedlulele* kunalo," ukuhunyushwa okuyikho "ngokuba Mina ngiya kuBaba. Nokho, kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngi," isabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, esikhathini sokuphela, ukuphelelisa." Wethembisa ukukwenza. INzalo ka Abrahama, Ilapha manje. I . . .

144 Silapha, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, sigubha ukuvuka kwaYo, ukuthi uNkulunkulu waYivusa. Siyakufakaza. Siyakucula. Futhi ingahle Ibonakale futhi yenze okuthize Eyakwenzayo, njengoba Yenza nje ngaphambi kokuvuka kwaYo, besingakubiza ngokuthi, "umbhuli, udeveli, uBelzabule," sikuvalele ngaphandle kwebandla. Sikwenzela ini lokho na? Kuzofanele kugcwalise umBhalo, lokho, oNyakeni waseLawodikeya, iZwi, elalinguKristu, lakhishelwa ngaphandle, [UMfowethu uBranham ungqongqotha kane epulpiti—Umhl.] engqongqotha emnyango, ezama ukuthola ubambiswano oluthize oluvela ndawondawo, angene futhi azazise Yena uqobo.

145 Kodwa kuyakuvela igatsha eliphuma Lapho, ngokuyikho impela nje njenganoma yini!

146 Ngathi kuMfowethu Sharrit, "Manje-ke hlobo luni lwegatsha esiyoliveza ngonyaka ozayo na? Ngabe kuyoba iolintshi na? Ngabe kuyoba ngulamula na? Ngabe kuyoba . . . "

147 "Yebo, kuyoba ngesasekuqaleni," washo. "Uma siveza igatsha kuso uqobo, siyoba iolintshi, njengoba sasinjalo nje ekuqaleni."

148 Futhi uma eyangempela, iNzalo ka Abrahama ephilayo ikhuphuka, lowoMoya ofanayo owawukuJesu Kristu uyophila phakathi kwabo, onke amaZwi ayogcizelelwa ngo "amen." [UMfowethu Branham ungqongqotha kane phezu kwepulpiti—Umhl.] BayaLikholwa. Hhayi ukuthi, "*Leli*

liphefumulelwe, na*Lelo* aliphefumulelwe." Bayikholwa yonke Into, ngoba IyiZwi likaNkulunkulu.

149 NiyaLikholwa, kulobubusuku, ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyalikholwa.

150 Sengivele ngishumayelile lapha manje sengize ngathatha isikhathi eside. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje. Futhi ngizokuqeda lokhu kusasa ebusuku. Ngethembise ukuthi angizukunihlalisa kuze kudlule isikhathi.

151 UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, nowokuqinisiwe. Kwakuxazulula ngoAbrahama, ngenkathi ngokukholwa ekubona, waqhubeka ngqo, engangabazi ngokungakholwa. Akangabazanga. Manje kuthiwani ke ngeNzalo yaKhe yobuKhosi, thina esizisho ukuthi siyiyo, thina maKristu alolusuku, esizisho ukwanga isitsha esifanayo Aphuza kuso, sinoMoya waKhe ofanayo uphakathi kwethu, nokuMbona eqinisekisa isithembiso saKhe sokuba lapha kanye nathi na?

152 Isithembiso, ukusenza sigcwaliseke, asikaze sibe njalo kuyoyonke iminyaka. Asikaze sibe naso ngaphambili. Hlolani umlando. Asikaze sibonakale. Futhi Sakwenza kuphi, sifanele ukuyaphi ngezinsuku zokugcina na? EBandleni elikhethiwe. Hhayi eBabiloni, hhayi eSodoma; babenesithunywa ezansi lapho. Kodwa uMoya oNgcwele uyisiThunywa eBandleni elikhethiwe, kulobubusuku, uNkulunkulu ehlala enyameni yomuntu, ebonisa Yena uqobo, oHlulela ngokubona okufihlakele, iZwi elahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. "UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade." UnguJehova-Jira. Usevele uwuhlinzekile umHlatshelo wethu, futhi uqinisa isivumelwane saKhe. Ugcina isivumelwano saKhe, ngezinsuku zokugcina, nabantu.

153 Bangane, besingaxoxa lapha bonke ubusuku. Izinto eshiwo, kwenele okushiwo. Kunabantu lapha ogulayo; nidinga ukuphiliswa. Anikukholwa ngani Lokho na? Ukuba benginganiphilisa, bengingakwenza. Ngikhuleka. Ukuba benginganiphilisa, bengingakwenza. Ngingeke nganiphilisa. Ngi . . . Niyaqaphela, nginikeza inkonzo, ubusuku bokuqala noma obubili, lapha, ekukhulekeleni abagulayo. Futhi lokho akusikho okwalokho kuphela. Uma kukhona noma iyiphi iNzalo lapha emiselwe ukuPhila, uMoya oNgcwele uzoyibamba. Bazokubona. Bazokwazi. Manje U . . .

154 Bangaki phakathi lapha eningaphakamisa izandla zenu, phambi kukaNkulunkulu, bese nithi, "Ngiyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade; ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi Uyaphila phakathi kwethu kulobubusuku, ebonisa Yena uqobo ukuthi uphakathi kwethu, futhi ngiyakholwa ukuthi ngokukaNkulunkulu"? Ningaziphakamisa izandla zenu, futhi nithi, "Ngikukholwa ngeqiniso"?

155 Manje, Baba waseZulwini, basezandleni zaKho. Ba . . . Bazisho ukuthi bayiNzalo ka Abrahama. Ba—bafuna, ba—bafuna izibusiso zikaNkulunkulu. Futhi manje ngibatshelile, ngalena elula, indlela encane. Ngiqale endikimbeni yami, futhi angangathola ukuyiqeda. Kodwa, Baba, ba—bayabona lapha, ekuqinisweni kuAbrahama, ukuthi Wena waqinisa isithembiso kuye, umnika ukuqinisa. Manje uma u—uma uMoya kaKristu ungekho kithi, khona-ke asilutho lukaKristu. Nemvelo kaKristu ingeguqulwe.

156 Futhi Usitshele kahle, futhi wethembisa lezizinto ngokweBhayibheli, endaweni eziningi. Ngisho neTestamente eLidala lakwethembisa, kuMalaki 4, ukuthi kwakuyobanjani ngezinsuku zokugcina, "Uyophendulela izinhliziyo zabantwana zibuyele ekuKholweni kobaba," njengobaba bePhentekoste, iMfundiso yasekuqaleni yeBhayibheli, iZwi lasekuqaleni, lokho elaLiyokwenza. Futhi kuyobakhona isibonakaliso, nalesisibonakaliso siyoqinisa, siqiniswe yiPhimbo elaliyosilandela, ukuthi Wena ulapha. Futhi siyaKukholwa.

157 Manje, Baba, kwangathi—kwangathi uSathane angenza indlela yakhe aphume. A—asikholwa ukuthi sinanoma yimaphi amandla, Nkosi. Asizisho ukuthi sinamandla. Sizisho ukuthi sinegunya.

158 Siyaqonda, iphoyisa elincane emgwaqeni, nekepisi elincane lihlezi ekhanda lalo. Okwezimoto ezinkulu zihuhuluza zehla zedlula kuleyomigwaqo ebanzi, emamayeleni angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, nemoto enamandla angangamahhashi angamakhulu amathathu, alinamandla okumisa eyodwa yazo. Beziyolihlifiza phansi ngqo. Kodwa ake ulivumele nje likhombise leyobheji, futhi liphakamise izandla zalo, amabhuleki ayoklwiklwiza namathayi ayoshwashwaza. Yigunya. Lonke idolobha lingemva kwalo. Linegunya, hhayi amandla. Lingahle lingasindi amaphawondi ayikhulu, kodwa linegunya.

159 Futhi kungaleyondlela kulobubusuku, Nkosi. Siza kuSathane, hhayi ngamandla, kodwa ngegunya, sikhombisa iGazi nokuqinisa kwesivumelwano. Akanalungelo lokubamba lababantu abagulayo.

160 Ukubabuka futhi ubabona bekujuluka kuphuma, lapha, O Nkulunkulu, uma ikhona enye indlela nje engingafinyelelisa ngayo uMlayezo kubo! Uma kuphela bengabona, Nkosi, baqonde nje! Bavuse, Nkosi. Kanye manje, kulobubusuku, babonise ukuthi Wena unguNkulunkulu ofanayo. Uqinisa iZwi laKho. ULigcina njengoba nje Wethembisa. Ngalezizinsuku zokugcina, Wathi lezizinto zazizokwenzeka, "Lapho iNdodana yomuntu yembulwa," ukuthi lezizinto zaziyokwenzeka. Siphe khona, Nkosi, futhi babonise ukuthi nguWe. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

161 Manje kholwani, bangani. Niyizethameli ezinhle kabi. Sengigijime nje ngedlula isikhathi sami, niyabo, futhi bengi—bengingaqondile ukwenza lokho. Ngibatshele ukuthi ngi. . . sizophuma ngesikhathi, kulobubusuku, kodwa ngehlulekile kukho ngoba ngi. . .Futhi ngizoqeda indikimba yami kusasa ebusuku, mhlawumbe, iNkosi ithanda.

162 Manje nakhu lapho esikhona. Ningabantu. Sonke nje siyizidalwa ezingabantu. Sifuna ukuphila. Wonke umuntu ufuna ukuphila isikhathi sakhe. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna senze lokho. Ngi—ngiyakukholwa. Manje, akusikho ukuthi kungoba alikho iBhalisamu kwaGileyadi.

163 Niyazi, kwashiwo ngesinye isikhathi, "Kungani, kungani khona na? A—alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi na?"

164 "Akukho mprofethi lapho na?" UIsaya wathi, noma, ngiqonde ukuthi uElija washo. "Hambani nimbuze, 'Kungoba akukho mprofethi kwaIsrayeli na? Kungani niya e eKroni enhla lapho, kuBali-Zebubi unkulunkulu na? Ngani, ini, nenyukela lapho na?' Yena eyiJuda, 'Nenyukelelani lapho na?'"

165 Wathi, "Kungoba alikho ibhalisamu kwaGileyadi, akukho nyanga lapho na? Ikhona na? Yingalesosizathu na?"

166 Yingalesosizathu na? Qhabo, Mnumzane. Sinalo iBhalisamu. UMoya oNgcwele ulapha. Yebo, mnumzane. Isithembiso ngesethu. Manje nifanele nje nisikholwe. U . . .

167 Wusuku lapho umqondo wabantu ihlakazeke kakhulu, aba. . .Ngiyabadabukela. Abazi ukuthi bakholwe yini. Omunye usho *lokhu*, nomunye usho *lokho*. "Futhi lonke izwi lomuntu alibe amanga, futhi elaMi libe iqiniso," iNkosi uNkulunkulu yasho. Kunjalo. Manje Angeyiguqule imvelo yaKhe.

168 Manje, ngiyakholwa izolo ebusuku siqale ngekhadi lomkhuleko lokuqala (bekungesilo na?), futhi kubizwe kwaze kwaba cishe amashumi amabili, noma into ethize enjalo. Hhe? Asiguqule leyondlela yokwenza nje. Asingabi nawo nhlobo amakhadi omkhuleko. Yebo, khulekani nje. Niyazi, ikhadi lomkhuleko likwenyusela lapha nje.

169 Kodwa ngiyabuzwa uBukhona baKhe, ngakho nje ngiyazi ukuthi Ulapha. Bangaki owake wabona isithombe saleyoNgelosi yeNkosi na? Ngakho ngisizeni, uma ngihlangana nani ekwaHlulelweni, Abuqhelile ngamafidi amabili lapho engimi khona khona lapha. Kunjalo. Bulapha.

170 Manje omunye ongenalo amakhadi omkhuleko, phakamisa isandla sakho, uthi, "Anginawo amakhadi omkhuleko, futhi nokho ngiyagula futhi ngiyadinga." Awu, kusezindaweni zonke nje. Kulungile.

171 Manje ngizonitshela. Yenzani leyoNgelosi phezulu lapho ngalesosikhathi na? Yase Ifulathela, yaYifulathele uAbrahama. Okungukuthi, bengizofika kukho, kulobubusuku, futhi

angikwenzanga. Futhi lapho Yathi, “Kuyoba yinto efanayo ekufikeni kweNkosi, njengoba kwenzeka eSodoma.” Siyathola, Yayikade Ifulathele ithende. NoSara wahleka kulokho Eyakusho, ngoba Yamtshela. Futhi wayengenakukuqonda ukuthi lokho, nje kuyiNdoda phandle lapho, idla inyama ayeyithosile, iphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla ithole layo, futhi lowo kwakunguNkulunkulu.

172 IBhayibheli lathi kwakunguye. UAbrahama wathi kwakungu, “Elohim.” Kunjalo. “UElohim,” *uNkulunkulu*. Wanyamalala phambi kukaAbrahama ngqo. Futhi, “UNkulunkulu,” waMbiza ngokuthi, “Nkosi Nkulunkulu, Elohim, Owenele konke.”

173 “Ekuqaleni,” igama elifanayo liyasentshenziswa. Noma yisiphi isifundiswa esikhulu siyakwazi lokho. “Ekuqaleni *uNkulunkulu*,” bukani kwisiHeberu, “Elohim.”

174 Bhekisisani ngenkathi uAbrahama ethi, “Nkosi Nkulunkulu, Elohim,” iNdoda efanayo, uMuntu ofanayo, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu uyozibonakalisa Yena uqobo enyameni yomuntu, eNzalweni ka Abrahama, ukuqinisa isivumelwano, futhi enze into efanayo Ayenzayo, (niyakubona na?) into efanayo Ayenza lapho. Uhlala engumprofethi njalo ohlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Ngoba, bangaki okwaziyo ukuthi iBhayibheli lakusho lokho, “IZwi likaNkulunkulu lehlulela imicabango osenhliziyweni”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

175 Manje uma uNkulunkulu ezothatha okungenani abantu abathathu phakathi lapha, kulobubusuku. Manje lokhu yinselelo. Uma noma ubani engacabangi ukuthi kunjalo, woza ukwenze. Uma bengakwenzi, khona-ke ungasho lutho ngakho. Niyabo? Manje, qaphelani, ethatha okungenani abantu abathathu, (okuthathu isiqiniso), labo oyiyizihambi uqobo, futhi uma uMoya oNgcwele . . . Uma nje uzokholwa, yilokho kuphela enginicela ukuba nikukholwe, ukukwenza, ukukholwa ukuthi *leli* Bhayibheli liyiQiniso, futhi siphila ezinsukwini zokugcina, futhi lesi isithembiso sezinsuku zokugcina.

176 Khumbulani, uAbrahama, noma akekho omunye, owayebone noma yisiphi esinye isibonakaliso kwaze kwathi iNdodana ethenjisiwe yafika enkundleni. UAbrahama wayezibone zonke izinhlobo zezibonakaliso nezinto, kuze kufike kulokho, kodwa leso kwakuyisibonakaliso sokugcina. Akasoze asephule; ukuqhubeka kukaNkulunkulu. INzalo ka Abrahama, leso yisibonakaliso sabo sokugcina. Niyabo? Leso kwakungesokugcina. UNkulunkulu! Wayazi, khona ngayo leyonkathi, lowo kwakunguElohim. NoJesu uyabuya ngqo futhi wathi kuyoba ngaleyondlela, futhi namhlanje silapha ngqo kukho, into efanayo.

177 Bantu, leli yiQiniso. Ngiyazi, “Khona lapha enqolobaneni encane?” washo. Awu, bekuhlala njalo kungaleyondlela.

Wazalelwa emkhombeni. Kwaku'lukhuni ukuba kube khona owayengaMkholwa. Kodwa nje yilezoNzalo ezikholwayo, ezimiselwe ukuPhila, yizozonke. "Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi." Kunjalo. Awudingeki ukuba ukhathazeke, lokho; igama labo lilapho, bayokubona. Futhi kanjani na? Bayokwenza.

178 Manje, niyabo, umbono nje, bengi—ngingakhuleka futhi ngibeke izandla phezu kwenu. Ngizokhuluma ngalokho, kakhulukazi ngeSonto ntambama. Kodwa ngi—ngifuna nina nibone ukuthi ningabeka izandla zenu phezu kwaKhe. "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakukholwa. Futhi manje uma Ezokwenza lokho . . .

179 Nga—ngazi omunye lapha. Kwenzekile ngaqalaza, futhi ngibona ababili noma abathathu babangani bami behlezi khona lapho, lowo ngumfundisi, abathi ababebabili babo lapho. Noyedwa egobise ikhanda lakhe, iNkosi iphilise nje umfanyana wakhe, ekuxukuzeni kobuchopho, nokho, namhlanje, ungibize ngotelefoni.

180 Ne—nenye indoda lapho, nenganyana yayo, ngobunye ubusuku, babecabanga ukuthi yayifile. Futhi ngangiseBeaumont. Futhi sa, biza, sawela, yayisibeka izandla zayo phezu kwami, yaqala ukukhala, yathi, "Mfowethu Branham, iZwi leNkosi linawe. Icele nje." Ngawo impela lowomzuzu, inganyana ibuyela ekuphileni, futhi yaqala yaphila futhi. Nango ubaba ehlezi lapho ngqo, umfundisi.

181 Nalendoda, imoto yaba yisiphihli, futhi yayiphosela entweni ethize noma okunye, futhi ngale emgodini, yaxukuza ubuchopho bayo obuncane, nezinto. INkosi yayiphilisa, iphelele ngokwejwayelekile. Bakholwa. Ngoqobo ba . . .

182 Manje ungasho ukuthi ngakwenza. Ngangingenalutho engingalwenza ngakho. Ukukholwa kwabo kuNkulunkulu, yilokho okwakwenzayo. Unokukholwa! Konke . . .

183 UJesu wathi, kuMarku oNgcwele 11:22, "Noma yini! Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa kholwa ukuthi okushilo kuzofezeka, ungabanakho okushilo." Kodwa nakho, niyabo. Akusilo ithemba; kungu "kukwazi."

184 Futhi uma Engazifakazisa Yena uqobo ukuthi uyaphila, Lowo owenza isithembiso angazifakazisa Yena uqobo ukuthi uyaphila, futhi akukho okunye ezweni okungakwenza. Vuka! Zinyakazise, kanzima impela, umoya wakho. Niyabo? Akukho nto ezweni engakwenza kodwa uNkulunkulu.

185 Manje unga—ungakwehlulela ngokubi, uma ufuna. BaMehlulela ngobubi, ngakho basengawehlulela uMoya waKhe ngobubi. Bathi, "Wayengudeveli, enza lokho." Awu, kusobala, bathola lowomvuzo.

186 Kholwa nje. Angeke uphilise. Angeke ngiphilise. Akukho muntu ongaphilisa. UNkulunkulu ungumphilisi.

187 Kodwa uma nje ungaqonda ukuthi Lowo impela omkhonzayo, futhi wazehlukanisa wena uqobo ezweni ukukhonza, Lowo impela omthandayo; Lowo impela ozoma ekwaHlulelweni, wena ekwaHlulelweni naYe, ukuba wehlulelwe, uma uBukhona baKhe bungeza khona lapha futhi bukhombise ukuthi Ulapha!

188 Manje umzimba waKhe wangempela ungeke ukwenze. Uma lokho kufika, isikhathi asisekho. "Njengonyazi luvela eMpumalanga luya eNtshonalanga, kuyoba njalo ukufika kweNdodana yomuntu." Kodwa, uMoya waKhe!

189 NeBandla lifikile, bukani ukuthi likhuphuka kanjani; ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; futhi manje khona ngqo esikhathini sokuhlwithwa, ukulungiselela iBandla. Ngayo nje impela indlela okwethenjiswa ngayo, nje ngayo indlela imiNyaka yeBandla elayine ngayo, futhi sikubonile lokho, yonke into iza yehla ngqo, futhi yehla ngqo.

190 IPhentekoste iyinhlangano yokugcina. Lokho kungokomBhalo. Kuyoba yinhlangano yokugcina, yenqatshwe kanye nawo onke, kunjalo, njengenhlangano. Azikho izinhlangano eyemukelwa kuNkulunkulu. Kuyi . . . Ngabantu ngamunye, yilabo abamukelwa kuNkulunkulu.

191 Manje ningebukholwe uBukhona baKhe? Manje lapha, ngingumfowenu nje, futhi manje ngathunywa, ukuthi uNkulunkulu wangitshela ukuba ngize ngenze lokhu. Ngakhoke, ngiyaMkholwa. Futhi uma kwakungabhaliwe eZwini, okwalonyaka, ngangiyohambela kude nakho. Noma yini engekho kuleloZwi, angiyikholwa. Ngi—ngingeyemukele. Angisho ukuthi ngingeyikholwe, kodwa angiyemukeli; angiyiqondi. Kodwa uma ikuleliZwi, nesithembiso salonyaka, ngiyayiqonda. Niyayiqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwangathi iNkosi ingasisiza manje. Futhi nje nivele . . . Finyelelani phezulu manje, ngokukholwa, kukholweni lokho e . . . ubukhona bethu . . . SiseBukhoneni baKhe, njalo, manje, yilowo Jesu ofanayo owenza lesosithembiso.

192 Futhi eBhayibhelini lapha, uPawulu ophefumulelwe, owayenezambulo eziningi kakhulu waze wenziwa wesaba, "Futhi wayenenkathazo enyameni, funa aphakanyiselwe phezu kobuningininingi bezambulo." Niyabo, wabhala iBhayibheli, wayephefumulelwe kakhulu. Wabhala iziNcwadi zeBhayibheli. NjengoMose, wayengumprofethi. Ngakho yena, iZwi liza kuye, futhi waLibhala, futhi wavunyelwa emiBhalweni, iMibhalo engcwele. Manje wayeyilowo o—o—othi i . . . ukholwa lokhu, wafundisa lezizinto.

193 Manje khumbulani ukuthi uKristu uvukile kwabafile futhi uphakathi kwethu. Futhi kungeniseni lokho emqondweni wenu, uKristu wavuka kwabafile futhi uphakathi kwethu.

194 Manje, sizibonile zonke izinhlobo zeminyakazo emikhulu, nokumemeza nokudumisa uNkulunkulu; konke kuhle. Sikhulumile ngezilimi futhi saprofetha, nakho konke. Sikubonile konke lokho. Lokho kuhle. Lokho kuza ngqo kanye naKho.

195 Kodwa, khumbulani, into yokugcina nguBukhona baKhe bobuNkulunkulu, iZwi qobo lwaLo. UyiZwi. INhloko, iZwi, Liza eMzimbeni. Niyabo? Futhi-ke leloZwi, kumaHeberu isahluko 4, wathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Manje thatha lowomBhalo futhi uwugijimise emuva ngqo kusukela ekuqaleni kwabaprofethi, ugijimise wehle udabule kuJesu Kristu, futhi ubone uma lokho kungesiyo into efanayo, into efanayo, ukuthi Waziwa njengoMesiya.

196 Manje akusuye omunye umuntu lapha onguMesiya. NguMoya oNgcwele onguMesiya. UKristu noMoya oNgcwele yinto efanayo, ngakho nangu Ulapha manje esebenza nje enyameni, elungiselela uMzimba enzela umusa wohlwitho. Kukholweni, bangane.

Nkosi Nkulunkulu, ngiyacela makwenzeke kulobubusuku.

197 Manje eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, okwenkazimulo kaNkulunkulu. Ngisho lokho ukuze nizoqonda. Niyabo, ninga . . .

198 Uma ungabaza, wena—wena, akukuhle ukuhlala kade, ngoba abantu abaningi bahlezi lapha, akungabazeki, ubonile okwenzekile ngezinye izikhathi kwabangakholwa. Kuzohamba kusuka komunye kuye komunye, njengoba kwenza eBhayibhelini.

199 Bangaki abenu lapha okhulekayo, owaziyo ukuthi ngiyisihambi, angazi lutho ngani na? Phakamisani izandla zenu, ukuthi niyakhuleka, ngakho niyazi angazi lutho ngani.

200 Wena, leyondoda ehlezi lapho efake uthayi omnyama, ingibuka ngqo lapha.

201 Manje buka. Uyakubona lokho kuKhanya na? Awukuboni Lokho na? Nje okuphuzi, ukuKhanya okusagolide okul'hlaza tshani ezansi lapha.

202 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, mnumzane na? Uma uNkulunkulu engembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uyakholwa, uzongikholwa ngenhliziyo yakho yonke, uzokholwa ukuthi bekunguNkulunkulu na? Uzokwenza na? Uzokholwa ukuthi ukuphiliswa kwakho kuzoza na? Unekhadi

lomkhuleko na? Qhabo, awunalo. Awulidingi. Inkathazo yakho isendlebeni yakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Bekusendlebeni yakho; akusekho manje, uma ukukholwa. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone.

203 Manje nansi indoda ihlezi khona eduze kwakho. Sengathi iyakhuleka. Ikhulekela into ethize engalungile ngayo. Ngibuke, mnumzane. Unalo ikhadi lomkhuleko na? [Umfowethu uthi, "Qhabo."—Umhl.] Awunalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? ["Yebo."] Uyakholwa ukuthi engikutshele khona, iQiniso na? ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi nguBukhona bukaJesu Kristu na? ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi iqolo lakho lizolunga kusukela manje kuqhubeke na? Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho. Uma uzokholwa! Niyabo?

204 Manje buza indoda. Angikaze ngiyibone empilweni yami. Ayizange ithinte mina. Iqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Ithinteni na? Lokho kugcwalisa umBhalo. Ithinte umPristi oMkhulu. Ibihlezi lapho, ikhulekela ukuphiliswa. Niyabo, ithinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Niyabo?

205 Manje, ucabangani, nsizwa ehlezi emuva lapho, umfo omncane ongibuka ngokuthe ngqo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphilisile leyo nkathazo yenso onayo na? Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho, uma ukukholwa. Ufuna ukuyeka leyonjwayelo onayo, futhi, ulahle labo sikilidi na? Vayizelisa isandla sakho ka*nje* uma ukholwa. Manje-ke ubeke phansi futhi uwukhohlwe. UJesu Kristu ukuphilisile. Uma ukholwa!

206 Ngokunqamula ngaphesheya ukusuka kuwe ngqo, lapho kuhlezi inenekazi lifake izibuko. Liphethwe inkathazo yokwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. Kulungile.

207 Nizongenzela umusa na? Kukhona inenekazi elincane lihlezi eduze kwakho ngqo, liphethwe yinkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi. Kunjalo, nenekazi. Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Ukukhanywa. Beka isandla sakho ngale phezu kwalo, ukuthi lizosinda, ngoba liyakholwa.

208 Awusho, khona-ke ohlezi eduze kwalo, oyedwa, ababili, lapho Kuphezu ngqo kwalelo elinye inenekazi elihlezi eduze kwalo ngqo. Liphethwe imilenze yalo, inkathazo ngemilenze yalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa imilenze yakho na? Phakamisa isandla sakho. Nakho-ke. Niyabo?

209 NiyaMkholwa ukuthi unguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

210 Uyakholwa, uhlezi laphaya na? Khona emva kwalendoda ehlezi lapha ngaphambili, inenekazi elihlezi *lapha* na?

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu . . . Unezinto ezimbili eziyingozi. Eyodwa yazo umdlavuza; enye, yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uma uzokholwa, phakamisa isandla sakho futhi uthi, "Ngi—ngiyakholwa." Kulungile, kholwa.

Uyakholwa na? Uqinisa isivumelwano.

211 Nanti inenekazi lihlezi lapha lingibuka, khona ngqo emva kwalendoda. Linengubo ebukeka ibomvu yohlobo oluthize. Ebomvu, phezulu *lapha*; ijezi, kungahle kube njalo. Likude kakhulu; kuthe ukufiphala laphaya. Emva, uyabo, lokho kukwenza ubebuthakathaka kakhulu, yonke into iqala nje ukuphenduka ithi ukuba uhlobo olumhloshana ndawozonke endlini.

212 Okungukuthi, nakho Kumi, phezu kwalo ngqo. Uyakubona lokho kuKhanya na? Likhuleka mayelana nento ethize. Uma uJesu Kristu ezokwembula kimi okhuleka mayelana nakho, uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uzokholwa na? Ngiyisihambi kuwe, futhi wena uyisihambi kimi. Kodwa ubenokuthintana nomPristi oMkhulu, ngoba isiboniso Anginika sona siphezu kwakho ngqo, uyabo, uyabo, isibonakaliso. Ngiyazi yiso.

213 Unenkathazo yokwethuka enkulu kakhulu ophethwe yiyo. Kanti futhi unesifo sokuvuvuka emphinjeni, ophethwe yiso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Wena uthi, "Ungakubona lokho."

214 Kulungile, uza . . . Awusuye owalapha. Uza . . . Awusuye owakulelizwe lapha, lendawo. Uvela eMemphis. Kunjalo.

215 Inenekazi elihlezi eduze kwakho, nalo livela eMemphis. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Lokho kukhuba abantu, niyabo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu owenza lokhu ukukhuluma na? Uyazi bengingeke ngazi lutho ngawe. Uyakholwa ukuthi bekungaba nguNkulunkulu ke? Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Futhi une, ophethwe yikho, une . . . unenkathazo ngomphimbo wakho, futhi. Futhi enye into, uneqhubu, isimila ohlangothi lwakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi kukuluphi uhlangothi na? Uma kukhona, phakamisa isandla sakho uma ngikutshela iqiniso. Kungasohlangothini lwesokudla. Uyabo? Uyabo? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Lokho kuzokusiza na? UnguNkk. Cox. Kunjalo. Uyabo? Buyela emuva, uyabo.

216 Uyakholwa na? Nonke niyakholwa manje na? [Ibandla liyathokoza futhi lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, lokho

ukuqinisa kwesivumelwano eNzalweni kaAbrahama, uma ningakholwa! Niyabo?

217 Lapha, nango owesifazane omncane elele khona lapha ohlakeni. Uyangizwa, nenekazi, elilele kulolohlaka na? Ya. Angeke ngakuphilisa. Angazi lutho ngawe; uyisihambi nje kimi. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho na? Bekungakusiza lokho na? Bekungakusiza, bekungakusiza na? Uma ulele lapho, uzofa. Unethuba elilodwa kuphela lokuphila, lokho ngukuthi yemukela uKristu. Unomdlavuza. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa manje na? Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. Kulungile. Endaweni yakho, into eyodwa kuphela obungayenza, bekungaba ngukuvuka uphume kulowombhede; futhi uqukule olele kukho, futhi uye ekhaya, ubiza ukukholwa kwakho kuNkulunkulu, njengeNzalo ka Abrahama. Sukuma, eGameni likaJesu.

Niyabo, uyasukuma, ukuthatha isithembiso sakhe kuNkulunkulu.

218 Nibangaki nonke enikukholwa ngenhliziyo yenu yonke manje na?

219 Sukumani. Ninamandla; uNkulunkulu uzoninika amandla. Sukumani, ngezinyawo zenu. Nango, esukuma, ephuma ohlakeni.

220 Manje nonke ufuna ukwemukela uJesu Kristu, yimani ngezinyawo zenu. Yimani ngezinyawo zenu. Sukumani, ndawozonke, yemukelani uJesu Kristu njengomphilisi wenu.

221 Nkosi Jesu, baphilise bonke. Siphe khona, Nkosi.

*UJehova-Jira 1* ZUL64-0402

(Jehovah-Jireh 1)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngo Apreli 2, ngo 1964, e4-H Club Barn eLouisville, eMississippi, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office

58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape

Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org